# *AMAGAMA AYINHLAMBA*

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Lokhu kuthe uku—ukungimangalisa. Bengingafanele ukuba lapha namuhla; kodwa kulobubusuku ngubusuku beSidlo, futhi ngi—futhi ngicabange ukuthi ngizothi gqi ngehle namuhla ekuseni. Futhi ngibize uMfowethu Neville, wayesethi, "Kuhle manje, uma wehla," wathi, "yini ungathi ukukhuluma kithi kancanyana nje."

Futhi ngacabanga, "Kuhle, uma ngehlile, futhi kwenzekile, angizukushumayela, kodwa ngizothanda nje ukukhuluma ebandleni isikhashana ngezindaba ezi, niyazi, engicabanga ukuthi zingaqinisa ibandla."

Sisanda kubuya nje sivela kokwethu—sivela ohambweni lwethu lokuyozingela ngesikhathi sasekwindla (abazalwane nami lapha), futhi sibenesikhathi esimnandi ne. . .Sibonga kakhulu. Sonke sigcwalisile phama futhi—futhi—futhi sazithola izinyamazane zethu ebesiyozizingela. Futhi—futhi umfundisi wethu nami uyazi ukuthi inyama yenyamazane imnandi, kabi kabi. Futhi ngakho, sibenenyamazane enezimpondo ezingamagatsha enhle. Futhi ngithole ibhere nezinyamazane ezinezimpondo ezimagatsha ezimbili.

Futhi siyabuya, futhi lesi kufanele kube yisikhathi engifanele ngaso ukukhuluma ngalezoziMpawu eziyisiKhombisa zokugcina. Futhi abazange bayilungise indlu yokukhonzela. Futhi kukhona okuthize, isithiyo, esikubangeleyo, lokho. . .Ngicabanga ukuthi idolobha lisinika indlela emagebhugebhu, ngenxa yokungabibikho kwendawo eyaneleyo yokupaka yenani labantu esiba—abayomumathwa yindlu yokukhonzela.

Sifuna indlu entsha yokukhonzela yakhiwe lapha, futhi sinengxenye ekahle yemali esivele yabelwe no—nokwakha i—indlu yokukhonzela ethe xaxa. Kodwa uma sinalezizinkonzo, ngani, niyaqonda ukuthi kuyini. Kuyinto embi kabi: abantu bazungeze izindonga, phandle emvuleni, futhi—futhi—futhi kubi kabi. Ngisho insolo ivela kubangane bami, bathi, "Mfowethu Branham, kubukeka sengathi ba. . . "

Umngane wami ongudokotela wathi, "Kubukeka sengathi ubungathola indawo o. . .Ngiyadabuka," wathi, ". . .dlula."

Umhlengikazi ongumakhelwane wami wathi, "Kungani, ngifika ngapho ngokunye ukusa ngelesi 5 nqo. Wawufanele ukuba lapho," wayesethi; "abantu sebevele bayaqoqana ngakuleyondlu yokukhonzela ezansi lapho ngelesi 5 nqo ekuseni. Wawufanele ubelapho ngele 9:30." Ngakho, niyabona na? Futhi kwenza kube lukhuni.

Futhi sifuna indlu yokukhonzela enendawo, futhi lapho wonke umuntu engakwazi khona ukuhlala phansi. Futhi sicabanga ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina—sikholwa ukuthi—ukuthi lapho i—sifanele sifundise ibandla nga—ngalezizinto ezibumbeka ngayo: izinto eziprofethiwe, ezinye zazo, izinkulungwane zeminyaka; futhi osekuthi akube yiminyaka engamashumi amabili-nanhlanu namashumi amathathu kusuka kulo lelibandla, okuprofethiwe ukuthi ziyofezeka. Futhi manje, sinakho kuyafezeka ngqo. Ngakho sifanele ukuzivuselela lezizinto, kodwa asinayo indawo eyeneleyo.

Ngakho namuhla ekuseni . . . Bengithi, ukushaya izingcingo zami nezinto izolo, futhi ngithole i—nginezinye futhi engizozishaya namhlanje ntambama nokunjalo. Bese-ke, bengine—abanye abantu abebefuna ukungena: umfo osemncane othandekayo onokukhathala kwemizwa, umfowethu ongumfundisi ensimini; futhi o, abaningana abanjalo; nomfowethu ovela eNorway. Futhi—futhi besinezingxoxiswano ezincane ngemuva ekamelweni elingemuva, futhi ngithe, "Kuhle manje, sizovele siphumele phandle."

Futhi uMfowethu Neville wathi, "Kuhle, sizophuma bese sisho amazwi ambalwa ukuqinisa ibandla kancane."

Okokuqala—okunye kwezinto zokuqala engifuna ukukusho . . . Ngibhale phansi izinto ezithile lapha ephepheni, ukuthi uma ngifika endlini yokukhonzela, ebengifuna ukuzisho. Okukodwa engikubhalile phansi lapha bekumayelana nokushona koMfowethu Taylor onomusa ngenkathi sisahambile.

UMfowethu Taylor ubeza kulelibandla iminyaka ngeminyaka. Sonke besimazi, ngineqiniso. Kodwa uma kungaba nezihambi ezithile lapha, bekuyilowo othandeka kakhulu, umnumzane omdala ohloniphekile obehlala njalo enifunela isihlalo sokuhlala phansi, uMfowethu Taylor. Ngigcina ukumbona, manje, sengiyoze ngimbone eseyinsizwa, wayemi laphaya emnyango emaSontweni cishe amathathu kumbe amane edlule. Wathi, "Ngizothanda ukuthola izincwadi, Mfowethu Branham. Ngithanda ukunikezela ngalezizincwadi."

Ngakho si . . . U . . . Engikuqondayo, ubenesifo sikashukela futhi waba se—sesihlwathini futhi—futhi ubenga—engazi ukuthi ubenesifo sikashukela futhi—futhi e . . . Wafa. Akazange afe; uvele nje wahamba ukuba ayoba neNkosi uJesu.

Futhi ubengothembekile, umfowethu omangalisayo, ehlala njalo ebakhumbula abanye abantu. Futhi okwakhe obekumthokozisa bekungukuzama ukutholela umuntu indawo yokuhlala phansi uma beza endlini yokukhonzela. Futhi niyazi, mhlawumbe uma siwela seqa umgoqo, kungebemnandi yini

ukubona uMfowethu Taylor, lapho, asitholele indawo yokuhlala phansi ngakwelinye icala na?

Ngicabanga ukuthi esikhumbuzweni sikaMfowethu Taylor... Ngangingekho lapha ukuba ngikhulume e—noMfowethu Neville emngcwabeni wakhe, kodwa ngifuna ukusho izwi lokubonga kwami kumfelokazi wakhe. UDadewethu Taylor, ngiyethemba, ukhona lapha ndawo ndawo namuhla ekuseni. Ayibusiswe inhliziyo yakhe ethembekile.

UMfowethu Taylor, ngelinye ilanga wathi, "Khuphuka ungibone. Nginechitshana eligujiwe enhla laphaya. Ngifake izinhlanzi phakathi kulo ukuze ukhuphuke uzodoba." Ehlala njalo emkhumbula omunye umuntu, futhi ubekhona Omunye obemkhumbula; lowo bekunguKristu, ukuba amuphe insindiso. Futhi ngicabanga ukuthi esikhumbuzweni namanje salelibandla, njengalokhu libuthana njengomzimba namhlanje ekuseni, ake sisukume kanyekanye bese sikhothamisa amakhanda ethu phambi kukaNkulunkulu.

Baba wethu osezulwini, thina njengabantu namhlanje ekuseni na—abafikayo kulendawo yokukhonzela... Isandla saKho esikhulu sihambe phakathi kwethu sasusa kithi omunye wabafowethu abathandeka kakhulu, esimthandayo futhi esaziyo ukuthi Ubumthanda. Futhi Ubunesizathu sakho konke lokhu, Nkosi, kungenjalo bekungeke kwenzeke ngalendlela, sazi ukuthi iBhayibheli lethu lisitshela ukuthi konke kusebenzelana kube ngokuhle kulabo abamthandayo uNkulunkulu; nokuthi ukwenzile.

Futhi sibuka macala onke ezweni, futhi sithola i—mvelo, ngandlela zonke, ikhuluma kithi ukuthi ithuna lingeke lambamba, ngokuba emhlabeni uyifezile inhloso Owamthumela yona lapha ukuba ayenze. Ubengolungile, umfowethu othembekile.

Futhi siyathola ukuthi empilweni yempilo yezithombo, nasempilweni yelanga eliphuma ekuseni ukuba lisiphe ukukhanya... Futhi phakathi nemini liba maphakathi nobudala bendima yempilo, bese kuthi, kusihlwa liyafa futhi, ukuba nje kuphela liphume futhi ngokusa okulandelayo liselisha lilisha, ngoba lifeze inhloso kaNkulunkulu.

Sibona izimbali lapho ziqhakaza, futhi zihlobisa umhlaba, futhi zihlobise amahholo emingcwabo nezindawo zemishado, futhi ifeze inhloso: ivule inhliziyo yayo iphe ngesihle, uju enyosini, namakha kodlulayo, ubuhle kofunayo; iphana ngakho konke enakho kube yinkonzo kaNkulunkulu, bese ikhothamisa ikhanjana layo. Kodwa uma kufika intwasahlobo ibuye ivuke futhi, ngoba ifeze inhloso kaNkulunkulu.

Ngakho ebusweni bayoyonke imvelo, neBhayibheli, iSethembiso, noMoya oNgcwele, singajabula ngokuthokoza enhliziyweni yethu ukwazi ukuthi uMfowethu Taylor wethu,

ngokunjalo, Nkosi, uyifezile inhloso kaNkulunkulu. Futhi ukuthi angeke aphinde avuke kungaba ukuphika iBhayibheli lethu, uNkulunkulu wethu, nazozonke izinto uNkulunkulu asiphe zona ukuba sizibuke, ukwazi ukuthi kukhona uvuko. Ngakho sibheke phambili esikhathini lapho siyophinde simbone futhi, lapho emusha futhi ephilile futhi engasophinde agule noma aguge.

Busisa umkakhe othandekayo kakhulu, lesosithandwa sakhe esethembekile. Ukuthi sizobeswela isikhathi eside, Nkosi, njengoba sibabona behamba ndawonye bephuma beya echibini, futhi bazihlalele emabhentshini amancane phandle lapho, bedoba futhi bexoxa, nokuthi bebeyizithandani ngempela bendawonye.

Futhi manje, siyazi ukuthi kukhona usuku olukhulu oluzayo lapho amaqhawe okholo eyomasha phansi kwesikhulu isakhiwo esiyingungu sokubonisa ukunqoba, neziNgelosi zo—namahubo kuyogcwala emoyeni. Siyobuye sibabone futhi kuleyondawo.

Kuze kube yileyonkathi, Nkosi, siphe isibindi. Sibusise usisize. Siyomeswela isikhathi eside uMfowethu Taylor, futhi wonke oza kulendlu yokukhonzela, ukuthi ubema kanjani emnyango atholele ofikayo indawo ukuba ezwe iZwi likaNkulunkulu, ukuba ahlale phansi athokomale futhi aphumule.

Futhi ngelinye ilanga lapho edlula, Nkosi, ngakhulekela ukuba iNgelosi enkulu kaNkulunkulu ime lapho emnyango ukuba nayo imtholele indawo, Nkosi, ukuze ahlale phansi. Ngokuba kulotshiwe eBhayibhelini, “Abanesihawu bayakuhawukelwa.” Size simbone, Nkosi, sengathi izinkumbulo zingaqhubeka zimnandi ezinhliziyweni zethu, kuze kube langa-limbe lapho sesibonana futhi kwelinye izwe. Sikucela ngeGama likaJesu Kristu. Ameni.

Uyohlala njalo eswelekile phakathi kwethu naphakathi kwezihambi nokunjalo labo abeza ebandleni lethu kumbe endlini yethu lapha ukuba bazokhonza. Sengathi umphefumulo wakhe ungalala ngokuthula phambi kukaNkulunkulu kuze kube yilolosuku. Suku-lumbe futhi, ngamunye wethu uyohamba ngamunye ngamunye, size sehlele ngasemgqeni kanjalo. Masithi manje, sisenesikhathi futhi sisakwazi, masizilungiselele lesosikhathi esizayo; ngoba asazi ukuthi siyoba nini. Asazi ukuthi ngubani ozolandela. Masiphile ukuze kuthi ngosuku ngalunye, ukuthi uma kuyokwenzeka luze lufike, luyoba ngolwethu, siyobe silungele.

Manje, sithanda ukwenza isimemezelo. Manje masinya, mhlawumbe kambe. . . Angikakhulumi nabaphathi ababekiwe selokhu ngibuyile, mayelana nesimo sokwakha i—indlu yokukhonzela lapha, noma ukuthi sizokwenzani okulandelayo ngokuthola indlu yethu yokukhonzela ukuze sibe nemihlangano

yethu. Khona-ke ngizoqhubekela phambili (uxolo) nezi—iziMpawu eziyisiKhombisa. Bese kuthi-ke, kukhona iZitsha eziyisiKhombisa ne—nezinto eziningi nokho okufanele singene kuzo ngqo.

Futhi manje, ngeSonto elizayo ekuseni lapho—ngifanele ukuba se Elizabethtown, eKentucky, noMfowethu L. G. Hoover, enkonzweni yokubusisa. Futhi lokho kungukubusisa itabernakele elisha—kumbe itabernakele abalithenge e Elizabethtown, eKentucky: ezansi ngqo ku 62 uze uyofika e Elizabethtown—kumbe ezansi ngqo—ngiqonde u 31, kumbe ezansi esangweni lokuthela. Empambukweni nje ekusa e Elizabethtown. Kuthi akube yihora; kuthi akube ngamashumi amathathu-nanhlanu, amamayela angamashumi amane ezansi lapho. Ngicabanga ukuthi cishe amamayela angamashumi amane ngendlela ka—ka 31, futhi cishe amamayela angamashumi amathathu-nanhlanu kumbe kungenye indlela, ezansi ngasesangweni lokuthela. LiseMgwaqeni uMulberry. Inkonzo yokubusisa . . .

UMfowethu Hoover uzoba noSonto sikole ojwayelekile ngele 10 nqo, futhi ngizoshumayela inkonzo yokubusisa kusukela ngele 11:00 kuze kube ngele 12:00, ngaleliSonto elizofika elizayo, ngoNovemba ziyi 11.

Ebhodini lemibiko phandle lapho kukhona i—uhlelo lwezindaba zayo, futhi iyoba se . . . Ungayithola indlela yakho kusukela khona lapho. KuseMgwaqeni uMulberry, noma ba—bakhombisa izindlela e . . . Kusebhodini lemibiko phandle laphaya phambi kwendlu yokukhonzela.

Bese kuthi ngo—ngoNovemba zi—zingama 22, ngi—ngimele ukuba se Shreveport, eLouisiana, zingama 22, 23, 24, 25, nama 26—izinsuku ezinhlanu, ngiyacabanga, e Shreveport, eLouisiana, kwi Life Tabernakele. Lelo linoMfowethu Moore. Bagubha ijubili labo legolide. Isibusiso sePentekoste sehlela e Shreveport, eLouisiana, emashumini amahlanu eminyaka eyedlula, zingama 22 alenyanga. Amashumi amahlanu eminyaka, umlayezo wokuqala wamaPentekoste washunyayelwa, futhi wehla—uMoya oNgcwele wehla eLouisiana. Futhi banesikhumbuzo kulokho, futhi yijubili legolide leli. Futhi ngizokhuluma ngalelijubili, ubusuku obuhlanu noMfowethu Moore e Shreveport, eLife Tabernakele.

Ninabo abangane phakathi nangalapho, ngani (enifuna ukubabhalela kumbe okunye), sizojabula ukuba nabo baphume. Bese nje nibatshela ngemihlangano equbukayo.

Futhi iLife Tabernakele, uma ekhona osewake waba lapho noMfowethu Moore, uyindoda emangalisayo. Futhi kukhona isigejana esimangalisayo sabantu. LawomaNingizimu amadala, ningeke nje nibehlule. Futhi ngakho, iLife Tabernakele, noma ngubani owangase Shreveport anganitshela ukuthi kukuphi. I

Shreveport icishe ibe nabantu abayizi 200,000, futhi iyidolobha elihle neziningi izindawo zokuhlala, ngakho . . .

Futhi itabernakele liyitabernakele elibanzi, itabernakele elibanzi impela. Linezitezi eziphezulu, novulande abasesitezi, nezindawo zaphansi ezinkulu, bese-ke kuba yindawo yaphansi engaphambili kwalokho; futhi nje kukhona eningi indawo, bese kuthi-nje ngqo ngapheshheya kwe—ukusuka ehholo ledolobha elihlalisa izinkulungwane ezinhlanu—nje—njengokunqamula umgwaqo nje lapha kuya ehholo ledolobha.

NoMfundisi Jack T. Moore noma—noma kambe yiLife Tabernakele e Shreveport, eLouisiana . . . Leyo iqala zingama 22. Lokho kuyoba ngolweSine kuya ngeSonto: olweSine, olwesiHlanu, uMgqibelo, iSonto, izinsuku ezine esikhundleni sezinhlanu, ngiyaxolisa. Lokho kuyoba zingama 22, 23, 24, nama 25 (ngicabanga ukuthi kungaleyondlela) ka—kaNovemba.

Futhi bese, siyothola ngaleyonkathi-ke ukuthi kuthiwani nga—ukuthi senzeni ngendlu yokukhonzela lapha, ukuthola ukuthi ibandla seliqhubeke kanjani ngokuthola indlu yalo. Izinkontileka zisitshela ukuthi zingafaka amadoda eneleyo kuyo, kuze kuthi cishe ezinsukwini ezilishumi cishe bangabe sebeyiqedile ukuze singene phansi kwayo. Niyabona na? Masinya impela. Futhi balindele idolobha kuphela ukuba lisayine . . . Niyazi, futhi kufanele sibenendawo engaka yokupaka, noku *ngaka;* futhi wu, maye, kungokuningi ukulibala okwenziwayo emahhovisi akwahulumeni okungenwa kukho, ukuqala ukwakha noma yini.

Kodwa ngithanda ukuba ngingene endlini yokukhonzela ngaphambi kokuba ngibuyele ensimini futhi. Manje, ngibizwe eTanganyika, eUganda, nakhona konke lapho. UJoseph uhlele imihlangano ukuba iqale ngoFebuwari.

Futhi izolo ngenkathi ngingena, bekukhona abanye abafowethu noDadewethu uToms nabanye abavela phesheya kwezilwandle abangenile, futhi bene—ngithole inothi liphansi emnyango wami—noma—noma isimemo esivela kwi—kwinhlangano ezansi eNingizimu Afrika. Ngakho ngiyababhalela ke ngithole ukuthi yini engenziwa. Mhlawumbe ngenkathi ngiselapho, ngingathi qu eNingizimu Afrika, mhlawumbe, engxenyeni yokugcina kaFebuwari noMashi nangakulesosikhathi.

Futhi sethemba ukuba sakhe indlu yokukhonzela, ukuze ngingenise lemiNyaka yeBandla ngaphambi—ngaphambi kokuba kungene ubusika, uma kwenzeka. Uma kungenzeki, noma uma kufanele ngibuye ngivela laphaya, uma iNkosi uJesu ilibala . . .

Bengilalele izolo ngenkathi ngithatha—ngikholwa ukuthi bekukuthangi—eteyipini. Ngicabanga ukuthi ngiyizwe idlala phandle lapha namhlanje ekuseni. Umfowethu othile omncane

waseNingizimu ube. . . Unina wayefike emhlanganweni; wayenobubi ebeleni lakhe, futhi wayenganyelwe yisithunzi sokufa. Futhi uMoya oNgcwele, komunye wemihlangano esanda kubakhona e—eSouthern Pines, ngikholwa ukuthi kwakulapho, kumbe kwenye indawo, wamtshela, washo ngobubi bakhe, nokuthi wayengubani, nokuthi uvelaphi; futhi wathi wayenomfana owayengumhlubuki, futhi wayezovelelwa yingozi futhi kube yicala lokubulala umuntu ngengozi, nezinto eziyinqwaba njengalokho.

Nalomfo. . . Konke kwenzeka ngayo impela indlela. . . Nomdlavuza wakhe owandayo—kumbe iqhubu elandayo, ngiqonde ukusho njalo, lasuka kuye (okungukuthi, iqhubu elandayo ngumdlavuza, niyazi). Ngakho-ke wa—wasuka kuye, nomfana waba secaleni lokubulala umuntu ngengozi, nakho konke ngayo impela indlela uMoya oNgcwele owakusho ngayo. Futhi waholelwa kuKristu—wabuya futhi. Futhi wenza iteyipu yakho, futhi ngi—ngiyizwile idlala. Nikujabulele lokho ukukhuluma kwaseNingizimu okudadlana na? Wathi, "Ezansi lapha eNorth Caroliner. . .," wathi.[UMfowethu Branham ulingisela ukunamuza komfowethu waseNingizimu—Umhl.] O, angive ngikuthanda lokho, labobantu abadala baseNingizimu. Futhi wayene. . . INkosi ivele yambusisa ngayo. Wathi, "Ngiyazi ukuthi uthi awuyishumayeli imfundiso, Mfowethu Branham, kuphela ebandleni lakho," wathi; "siyingxenye yebandla lakho." Ngakho lokho kwakungubuqili obukahle kuye ukuba asho lokho.

Futhi manje, kukhona isithombe. . . Ngicabanga ukuthi mhlawumbe sisebhodini lemibiko namhlanje ekuseni. Uma singekho, uBilly uzosichoma lapho. Ezikhathini eziningi bekulokho kushiwo, ngenkathi ngiqala ukukhuluma ukuthi bathi, "Uyacabangela nje, Mfowethu Branham, ukuthi ubona lokho kuKhanya, lokho kuKhanya."

Mhlawumbe kukhona okulukhuni. . . Bangahle ukuba bakhona abasalayo lapha, abantu abadala abakhumbulayo emuva, ngaphambi kokuba kuze kuthathwe izithombe zaKho. Ngabe ukhona lapha ongikhumbulayo ngikusho lokho, kudaladala na? Bukani! Cishe nje zine noma zinhlanu izandla: uDadewethu Spencer lapha, noMfowethu noDadewethu Slaughter, no—noMfowethu lapha, noMfowethu laphaya. Kukhona nje cishe abahlanu kumbe abayisithupha babantu abadala abasasele.

Yebo manje, emva kwesikhashana, iso lomshini wokuthatha izithombe labamba lesosithombe. Ngakho saya eWashington, D.C., futhi sedlula kubahloli futhi sabuya, futhi akukho na—kungekho kuvezwa obala okuphindwe kabili kumbe lutho. Wathi, "UkuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa ukukhanya ikuhambise ngamsebe-munye." Lowo nguGeorge J. Lacy. Ninalo igama lakhe lisayiniwe. Niyabona na?

Bese kuthi-ke, izikhathi eziningi niyezwa, ngibuke phandle bese ngithi, "Kukhona ithunzi elimnyama phezu kwalomuntu. Kungukwenganyelwa yisithunzi sokufa." Bangaki abangizwile ngisho lokho izikhathi eziningi (niyabona na?), izikhathi eziningi na? Kuhle, kwenzeka ukuba umshini wokuthatha izithombe ukubambe lokho. Futhi ngakho sinakho lokho lapha.

Inenekazi elifika kudade futhi lamtshela emhlanganweni e—eCarolina, lapho esasinomhlangano omangalisayo kakhulu eSouthern Pines...Futhi lapho, inenekazi lalibulawa ngumdlavuza emabeleni omabili. Nodokotela base belidelile ukuthi lizokufa. Nenenekazi lavele lakhothama lathatha isithombe sakhe njengoba nje ngangimtshelile ukuthi wayengubani nokuthi uvelaphi; futhi ngathi, "Kukhona isithunzi esimnyama phezu kwakho. Wenganyelwe yisithunzi sokufa." Nenenekazi lavele lathatha isithombe salokhu, futhi naso sise...Iso lomshini wokuthatha izithombe lithatha isithunzi sokufa.

Ngabe noma yimuphi kini nonke uyibonile *imiThetho eliShumi* futhi wayibona ingelosi yokufa, ukuthi yangena yashwibeka kanjani, leso esimnyama, isithunzi esibukeka sihwaqabele na? Sikulesisithombe. Futhi ngicabanga ukuthi sisebhodini lemibiko manje. Uma singekho, uBilly uyangizwa, ngani, asifake ebhodini lemibiko. Futhi sinomcibisholo okhomba kumuntu. Futhi umuntu...Isithunzi sasuka kowesifazane futhi...waphulukiswa ngokuyisimanga. Kodwa kukhona okufana nomgaxo wentuthu emnyama edilingene futhi yagaxeka phezu kwenenekazi, futhi ulenga phezu kwalowomdlavuza, kanjalo, kuvela kulokho. Kusobala leso yisithunzi lapho ukufa kuthululeka khona kulo kuvela kumdlavuza.

Yebo, akunandaba ukuthi uzama kangakanani ukutshela abantu iqiniso, ukhona ozosola ukuthi akusilo iqiniso. Futhi uma uhlala njalo ukhuluma iqiniso, khona-ke uyazi u—ukahle.

Nginomngane ongu—umfuyi wezinkomo phezulu eNtshonalanga. Ne—nezeMvelo zakhokha cishe $4,000 zemoto yaseqhweni ukuba kubalwe umhlambi wohlobo lwezinyamazane ezinkulu ezinezimpondo ezithi azibe ngamagatsha wezashiywa emuva ngale kwiTroublesome Valley. UMnu. Jeffereys, ohlezi lapha endlini yokukhonzela, ngamholela kuKristu—umphikinkolo phaqa. Futhi ningizwile ngixoxa indaba yethu yokugibela ndawonye. Futhi wayengakholwa ukuthi—nhlobo kunoma yini kodwa esayenseni ephathelene nenkambo elungileyo kaDarwin, naleyoNgane, eyazalwa yintombi, kwakungumbhedo. Futhi sahlala endle ngobunye ubusuku khona impela lapho emukela khona uKristu.

Futhi ngakho-ke, lendoda yamtshela; yathi, "Manje, ngi—awudingi ukuthenga leyomoto—leyomoto yaseqhweni." Yathi,

"Ngizokutshela ncamashi ukuthi zingaki izinyamazane ezinkulu ezinezimpondo ezithi azibe ngamagatsha phezulu lapho." Yathi, "Kukhona ishumi nesishiyagalolunye." Yathi, "Kwakukhona amashumi amabili—kwakukhona amashumi amabili-nanye, futhi ngabulala ezimbili zazo." Futhi yayikhuluma nomphathi wezinyamazane. Uvunyelwe ukubulala eyodwa. Ngakho yathi, "Kwakukhona amashumi amabili-nanye, ngase ngibulala ezimbili zazo. Ngishiya ishumi nesishiyagalolunye."

Wayesethi, "Yebo, Jeff, ngiyazi wabulala ezimbili zazo."

Yathi, "Ngakwenza!"

Yebo, bathatha imoto yaseqhweni futhi benyukela lapho, futhi kwakukhona ishumi nesishiyagalolunye lezinyamazane ezinkulu ezithi azibe nezimpondo ezingamagatsha. Wathi, "Billy, tshela indoda iqiniso nje; ingeke ilikholwe." Ngakho kuthi akube ngaleyondlela nje. Ungabatshela abantu iqiniso, kepha nokho ba . . . Kubekhona okuningi ukungaqondisisi no—nokuqamba amanga ngezinto, baze bangabe besakholwa ukuthi ukhuluma iqiniso uma ubatshela iqiniso. Niyabona na?

Kodwa siyabonga kakhulu ukuthi sinoBaba wasezulwini oliqinisekisayo leloQiniso ngesiqinisekiso. YiQiniso. Ngakho ke, uma lolu kuzoba lusuku lwami lokugcina emhlabeni, i . . . Ngisho nocwaningo lwesayense nezifakaziso kufakazile ukuthi ngikhulume iqiniso ngalezizinto. Kunjalo; liqiniso. Ngakho mhlawumbe kuzoba sebhodini lemibiko. Billy, ukhona endlini lapho na? Unaso esandleni sakho, isithombe na? Futhi uma unaso, kulungile sikhiphele lapha, khona-ke ungasibeka phezulu lapha, futhi mhlawumbe bangasibona. Kuhle, angazi. Kuzobakhona ukukhanya e—ebhodini.

Futhi nasi isi—nasi isithombe khona lapha. [UMfowethu Branham ukhombisa isithombe—Umhl.] Ngibona sengathi anikwazi ukusibona, kodwa khona lapha ningasibona lesosithunzi esinomgaxo wokufa phezu kwalelokhanda lowesifazane. Futhi nakhu okulotshalotshiwe mayelana naso emuva lapha, lapho inenekazi lathatha khona isithombe futhi—ukubona ukuthi ngempela sakhombisa yini; futhi naso siphezulu—phezulu lapho. Kuyisithunzi esinomgaxo wokufa. Sibone ngaleya phezu kwaleso. Nisibonile ngiqagele. Mfowethu Neville na?

Ngakho mhlawumbe uBilly uzosichoma ebhodini lemibiko, uma nithanda. UBilly uzofike asithathe, asiyise ngale ngaphambili, bese esichoma ebhodini, ukuze wonke umuntu akwazi ukusibona uma bephuma. Yena noma uDoc, omunye wabo. Manje, ngicabange ukuthi mhlawumbe singacacisa bha ukuba nikwazi ukukubona, kodwa kunobumnyama kakhulu kuleyonhlobo yesithombe. Kodwa uzosibeka phandle lapho ukuze nikwazi ukusibona uma ephuma.

Manje, khumbulani zonke izimemezelo.

Futhi manje, namhlanje ekuseni ngicabange ukuthi mhlawumbe ukuthi sizoke sithi ukukhuluma kancanyana ngokuthize ukukhuthaza ibandla, into ezoninika i—okuthe xaxa . . .

[UMfowethu Branham uyaxoxa mayelana nelambu elijikiswayo nomfowabo, uEdgar—Umhl.] Yebo, Doc, uma uthanda. Kungakuhle. Ngifuna ukusebenzisa lokhu lapha. Bengine . . . Abanye babo bebengenakho ukuba bakubeke phezulu kwangeviki eledlule, ngakho sicabange ukuthi mhlawumbe ukuthi kuzokwenza ngconywana okwanamhlanje. Bengifuna ukukhuluma ngakho, ngoba kumayelana ne—nephupho udade abanalo.

Angazi noma uDadewethu Shepherd ukhona ebandleni namuhla ekuseni. Ngahlangana naye ngobunye ubusuku. Futhi kungokokuqala ukuba ngimbone owesifazane. Eqinisweni, ngangingamazi nokuthi wayengubani. Ngabe u . . . ? Ngiqagele akekho . . . Yebo. Ungala, kungabe kungukuphambuka endleleni uma ngithathisele kulelophupho na? Dadewethu Shepherd, ungeke wale ungala na? Kulungile, kulungile konke. Futhi ngaphambi kokuba sisondele kulokho, ake sikhothamise amakhanda ethu manje, futhi.

Baba osezulwini onomusa, kuWena sinikeza udumo ngakho konke ukulunga kwaKho nomusa. Futhi manje, sithulise, Nkosi, ukuze sifundisise iZwi likaNkulunkulu oPhilayo, njengoba Lifika kithi ngombono futhi liqinisekiswa nguMoya oNgcwele, lesekelwa yiBhayibheli. Ngakho siyakhuleka ukuthi Wena uzosipha ukuqonda, ukuze sazi ukuthi akwenziweni kulezizinsuku zokugcina njengoba sibona amandla amabi ame asizungezile manje. Impi, impi yokugcina, sekusondele ukuba iliwe. Sisize, Nkosi. Njengamaqhawe angempela, anamandla, masihlale siphakamise isihlangu sokukholwa neZwi likaNkulunkulu, iNkemba, futhi siqhubekele phambili. EGameni likaJesu. Ameni.

Manje, sicabange ngokuqhubekela phambili, kwempi, njenge—impi elungele ukuphakwa, elungele ukugadla, i—impi yangempela ukuba ilwe ukulwa kokukholwa . . .

UDadewethu Shepherd, lapha, noMfowethu Shepherd, abangabangane bethu abanomusa kakhulu, futhi abeza kulelitabernakele . . . Futhi bangabantwana bakaNkulunkulu abathandeka kakhulu. Futhi—futhi loDadewethu Shepherd . . . Ngenkathi ngicosha iposi lami (lelo uBilly angaliphendula, umuntu mumbe ethi nje, "Ngithumelele izingubo ezingaka zokukhulekelwa." Futhi ngizikhulekele; uvele abaphendule. Kodwa uma kuyincwadi yomuntu ngayedwa, ngiyiphendula mina uqobo. Niyabona na?) . . . Ngakho ngacosha iposi lami lomuntu ngayedwa. Futhi ngakho ngangilisa ekhaya, futhi ngangifunda phakathi lapho; yathi, "Ivela kuDadewethu

Shepherd." Futhi kwakuliphupho abanalo ezinyangeni ezithile ezedlule. Futhi wayengalitholi kahle hle kwaze kwaba semaSontweni amabili kumbe amathathu edlule ngenkathi ngifundisa ngale—*lemiNyaka yeBandla eyisiKhombisa* futhi—futhi i—izithelo eziyisikhombisa—u II Petro, ukuthi kuthatha kanjani uku (II Petro 1)—ukwengezela ekukholweni kwethu. Niyabona na?

Kuqala: ngokwesisekelo, ngukukholwa. Isibili: wengezele ekukholweni kwakho, amandla; emandleni akho, ukwazi; nasekwazini, ukuzithiba; nasekuzithibeni, ukukhuthazela; ekukhuthazeleni, ukumesaba uNkulunkulu; nasekumesabeni uNkulunkulu, uthando lobuzalwane—ukuthanda abazalwane; bese kuba luthando oluyitshe lokuvala phezulu—eziyisikhombisa zalezozinto. Iminyaka yebandla eyisikhombisa (niyabona na?), nezinkanyezi eziyisikhombisa zeminyaka yebandla, nakho konke okwakho kuqiniswe ndawonye ngoMoya oNgcwele.

Manje, kuthatha lokho-ke ukuze ube yinceku kaKristu. UKristu wakha iBandla laKhe eminyakeni yebandla eyisikhombisa, uMlobokazi waKhe, uMuntu, isiFazane, iBandla. Iminyaka yebandla eyisikhombisa iyabumbana bese yenza uMlobokazi: abanye baphuma ku*lo*nyaka, nabanye baphuma ku*lowo*nyaka, nabanye baphuma ku*lowo*nyaka, futhi bonke kanyekanye, futhi Limisisa okwesivivane.

Njengo Enoke owakha izivivane, esikholwa . . . Futhi itshe lokuvala phezulu alizange libekwe phezu kwazo, ngoba itshe eliyinhloko lenqatshwa.

Futhi siyalithatha manje, hhayi njengemfundiso, kepha njengokuqonda, okwebandla kuphela lapha, ukuthi lezi . . .

UNkulunkulu uzenza qobo lwaKhe aphelele ebuthathwini. Uzenza qobo lwaKhe aphelele kuYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, izikhundla ezintathu zikaNkulunkulu oyedwa. Uzenza qobo lwaKhe aphelele ekuLungisisweni, ekuNgcwelisweni, eMbhaphathizweni kaMoya oNgcwele; kufika imisebenzi ephelele yomusa. Uzenza qobo lwaKhe apheleliswe ekufikeni okuthathu: isikhathi sokuqala ukuhlenga uMlobokazi waKhe, isikhathi sesibili ukwemukela uMlobokazi waKhe, isikhathi sesithathu esikhathini seminyaka eyiNkulungwane noMlobokazi waKhe. Futhi yonke into ipheleliswa e *buthathwini*. Futhi *isikhombisa* yinombolo yokukhonza kaNkulunkulu; uNkulunkulu ukhonzwa e*sikhombiseni,* okuphelelisiweyo. Manje okupheleleyo nokuphelelisiweyo.

Futhi into emangalisayo kwaku (akusikho ukungenisa lokhu, kodwa ukunikhombisa nje), inyamazane yokugcina enezimpondo ezingamagatsha engayibambayo

yayinamachashaza amahlanu ngasohlangothini olulodwa namathathu ngakolunye (niyabona na?): umusa nokuphelela.

Manje qaphelisisa kulokhu, ukuthi uKristu . . . UNkulunkulu waloba amaBhayibheli amathathu. IBhayibheli lokuqala lalisesibhakabhakeni, libizwa ngomgamu wezulu eliphezulu. Manje, uma ungayazi iNcwadi kaJobe, vele nje ukhohlwe yiwo, ngoba—ngoba uJobe nguye owuchazayo: ukuthi wabheka kanjani phezulu, futhi wazisho ngamagama lezozinto ezisesibhakabhakeni.

Futhi qaphela, emgamwini wezulu eliphezulu, wawuqala ngani zisuka nje na? Into yokuqala emgamwini wezulu eliphezulu yintombi-nto. Into yokugcina emgamwini wezulu eliphezulu yiMbube iNgonyama: ukufika kokuqala kukaKristu ngentombi-nto; ukubuya kwesibili, iMbube iNgonyama, iNgonyama yeSizwe sakwaJuda.

Wase-ke uEnoke eqeda osukwini lwakhe, kumbe emuva ngalolosuku, isivivane. Futhi bekuyoba . . . Kusobala asinaso isikhathi ukuba sikwendlalele futhi sikhombise ukuthi lesosivivane sikhuphuka kanjani ngamakamelo nokunjalo. Sikhuluma ngqo esikhathini sokuphela manje. Basekamelweni lenkosi manje ngezilinganiso. Kodwa itshe eliyinhloko alizange libekwe phezu kwesivivane. Futhi lokho kuhlela isimo sokwakhiwa esiphelele kumbe—kumbe isakhiwo samatshe abaziweyo, kuze kuthi ngisho i—ireza encane engenalo uhlonze . . . Futhi abazi ukuthi basakha kanjani, abaqondi—ukuthi ngisho ireza ifakwa lucezu ezinhlangothini lapho okufanele kubekhona udaka, futhi akukho daka kuso. Siphelelisiwe phaqa, sihlanganiswe ndawonye.

Ngakho kunjalo uma uKristu neBandla bebamunye. Akukho daka phakathi nendawo; akukho lutho phakathi nendawo, kuphela nguNkulunkulu nomuntu—uNkulunkulu, uKristu, nomuntu.

Manje, kodwa itshe eliyinhloko, abakaze balithole. Niyayazi iStone of Scone abanayo eNgilandi ukugcoba amakhosi—noma uku—ukubathwesa umqhele nokunjalo na? Kodwa itshe eliyinhloko . . .

Bhekisisa emalini eyidola yaseMelika; uzosibona emalini eyidola yaseMelika. Ngakwelinye icala, icala langakwesokunxele, luPhawu lwaseMelika, ukhozi nemikhonto esandleni salo. Ngasecaleni lesibili . . . Lokhu kubizwa ngoPhawu lwase United States. Kodwa ngasohlangothini olulandelayo yisivivane, futhi ngaphezu kwaso, iso elikhulu. Futhi phansi kwalapha kuthi, "UPhawu OluKhulu." Kungani kube luPhawu OluKhulu kulesisizwe, ngisho nangaphezu koPhawu lwesizwe sakithi na? Niyabo, akunandaba ukuthi uke wenzeni, uNkulunkulu ukwenza kukhulume nje ngokufanayo. Niyabona na? Wenza isoni sikhulume ngakho; Wenza izizwe

zikhulume ngakho; yonke into ifanele ikhulume ngaYe, noma ngabe u—ufuna ukukukholwa noma qha. Kukhona khona lapho.

Manje qaphelani, kukhona iso kulokho—iso likaNkulunkulu. Futhi ngoba isivalo asizange siphume, uphawu oluyiNhloko, ngoba Lwenqatshwa, olwaluyiNdodana kaNkulunkulu, itshe leGumbi lendlu, uphawu oluyiNhloko lwesivivane, nakho konke lokhu.

Manje, manje, ngi . . . Angithandi uku . . . Ngezinye izikhathi bayaziqopha lezizinto, futhi kuphumela phandle phakathi kwabazalwane emabandleni—namanye amabandla. Futhi nxa benza lokho, khona-ke abazalwane ngesinye isikhathi bakuthatha ngesinxele, ukuthi ngisho okuthile ngabazalwane. Kodwa angisho. Ngi . . . Uma nje ubungalalela futhi uqonde (niyabona na?), angikhulumi okuphambene nanoma yimuphi umfowethu, ngoba lokho akusikho ukuba ubuzalwane ukukhuluma ngo—ngokuphambana. Sifanele ukukhulumelana, hhayi ukuphambana. Kodwa uma ngikhuluma ngesinye isikhathi ngenhlangano ethize njengePresbyterian, iMethodisti, kumbe okunjalo, bathi, “Niyabo, uphambene nayo.” Angiphambene nomfowethu phakathi lapho kumbe udadewethu phakathi lapho. Uhlelo olwehlukanisa ubuzalwane yilona engikhuluma ngiphikisane nalo. Abantwana bakaNkulunkulu bangumndeni owodwa futhi hhayi—futhi hhayi amaqembu ehlukene.

Futhi abanye babo bathi, “Angizukuzihlupha ngayo, ngoba leyo yiPresbyterian futhi mina ngiyiMethodisti.” Niyabona na? Manje, lokho akusikho . . . Niyabo, luhlelo lwaleyonhlangano olubhidliza lobobuzalwane. Niyabona na? Manje lokho . . .

Njengoba ngishilo: Ukuba ubuwehla ngomfula ngesidala, isikebhe esibukeka singamahlikihliki futhi ubuzama ukwehla, futhi ngiyazi ukuthi lokho akuzukusebenza, ngakho ngaleyonkathi, angiklabalasi, ngisole wena; ngizama ukukukhipha kulesosikebhe (niyabona na?); ngoba yisikebhe esizohlakazeka, futhi—futhi—futhi uyosala uhleli wedwa emanzini. Ngakho—ngakho akusuye—akusuye umfowethu esikebheni, kodwa ngimpongolozela umfowethu ukuba ngimkhombise ukuthi kuzokwenzekani.

Yebo, zonke lezizinhlelo, ezenziwe ngumuntu empumelelweni yabo, zizohlakazeka. Yilokho kuphela. Bafanele beze . . . Sifanele size ebunyeni, ebuzalwaneni. Obukade . . . Inhloso yami empilweni ingukuzama ukuhlanganisa futhi qha ukuhlakaza inhlangano, kodwa abayeke imiqondo yabo futhi babengabafowethu kunoma yimuphi umKristu ozelwe ngokusha. Lowo—yilowo umqondo; yilapho engime khona.

Kuhle manje, uma abazalwane bezokuqaphela, ngi . . . Abaningi babazalwane bethu, ngisho nasezikhundleni zethu zeFull Gospel, abakholwa ukuthi amaBaptisti, namaMethodisti,

neLuthela, nabo banethuba. Kodwa ngi. . . Manje, bangahle ukuba baqinisile, kodwa angivumelani nalokho. Ngikholwa ngukuthi unyaka lapha, woNyaka wamaLuthela, nalonyaka lapha owawubizwa, ngiyakholwa, ngoNyaka wase Sardesi, bese kuba uNyaka waseFiladelfiya wamaMethodisti, bese-ke kuba ngamaPentekoste, uNyaka waseLawodikeya. . . Ngikholwa ukuthi yileyo iminyaka, futhi uNkulunkulu kuwo ngamunye waleyominyaka wathatha abantu abakhethiweyo. Futhi kulokho, njenga—maHeberu 11 kuthi bona ngaphandle kwethu akuphelelisWa. Niyabona na? Kodwa manje, iBandla livele kulokhu, lingena esibalweni esiyingcosana ngaso sonke isikhathi, selize laba phansi oNyakeni wePentekoste.

Manje, isizathu sokuba ngisho lokhu: ukuze nithole umqondo wokuthi udadewethu waphupha ini. Futhi iphupho lakhe impela liqhathaniseka na—nalokho ebengikufundisa.

Qaphela, manje lapha, manje zonke lezizinto u I Petro ivesi 6 nelesi 7 liyakutshela, kulethwa ukukholwa kwakho, lokho ngokokuqala. Manje, ngithi abantu bazisho ukuba banazo leziziqiniseko ngaphandle ngisho kokuzalwa ngokusha. Futhi ngiyakholwa ngiphawule kabi futhi ngathi kunjengenyoni emnyama izama ukufaka izimpaphe zepigogo kuyo qobo futhi izenza ipigogo; ingeke ikwazi ukukwenza. Kufanele kube uphaphe lwemvelo olumile luvela kuyo. Ingaphakathi layo lifanele livezele ngaphandle lolophaphe.

Futhi njalo—futhi bengihlala njalo ngithweswa icala lokuqinisa kodadewethu ngokuba nezinwele eziphunguliwe, nobuqhathanzipho yonke indawo phezu kobuso babo, nezinto. Bengihlale njalo ngithweswa icala lokuqinisa kodadewethu. Akusikhona ukuthi kukhona engiphambene ngakho nalokho. Angisho ukuthi owesifazane akasuye owesifazane olungileyo, ukuthi usephenduke—iseqamgwaqo kumbe okuthize. Lokho akusiso isimo sami. Kodwa kuyilokhu: uma efaka inqwaba yento yokwenziwa-nje ngaphandle, kukhombisa ukuthi kuningi okokwenziwa-nje ngaphakathi (niyabona na?), lapho kufanele kugcwaliswe phama ngoKristu. Ngoba ingaphandle njalo liveza lokho okungaphakathi. "Nibazi ngezithelo zabo." Niyabona na? Futhi lapho uKristu efanele ukuba abe phakathi lapho, nokukhathalela u—Nkulunkulu, nokukhathalela ezinye izinto, esikhundleni semvunulo eningi yokwenziwa-nje, futhi—futhi, niyazi, amajwabu amehlo aluhlaza-tshani, nokubukeka sengathi akusesuye umuntu, nayo yonke leyonhlobo yento. . . Angihambisani nje nakho; futhi angikholwa ukuthi neBhayibheli liyahambisana nakho. Ngakho ngi—ngithanda nje sibe yilokho esiyikho.

Qaphelani manje, uma engenazo izinzipho zeminwe futhi efuna ukuzifaka, uma engenawo amazinyo futhi ewadinga, ungenayo ingalo futhi uyidinga, ungenazo izinwele futhi uzidinga, ungenazo lezizinto, lokho kwahlukile. Kodwa uma

ungqothula amazinyo akho amahle ngempela, ngoba nje engemhlophe njengoba efanele ukuba njalo, khona-ke wenze iphutha. Uma unezinwele ezibomvu wena ufuna ezimnyama, bese wehla lapha uzifake umbala omnyama, ngoba nje . . . Wenze iphutha. Yebo, ngicabanga kanjalo. Kodwa into enkulu . . . Akukho mBhalo walokho, kuphela ukuphungula izinwele zakho, ukhona umBhalo walokho, mningi owalokho. Ngakho khona-ke, sifuna ukuqinisa kakhulu ukuthi lokho kuyikho. Manje.

Manje, manje, udadewethu ekuphupheni, waphupha e . . . Yebo kuqala, wathikamezeka: "Kusizani ukuqhubeka nokuzama ukushikashikeka empilweni uma uNkulunkulu esidinga ukuba semukele uMoya oNgcwele futhi asinaWo na?"

Manje, angicabangi . . . Bangahle ukuba bayakuqopha lokhu, kodwa uma benga—uma bekuqopha, kungokwebandla lodwa. Niyabona na? Manje, futhi uma omunye umfowethu engakubamba lokhu, futhi niyalizwa iphimbo lami, mfowethu, kulokhu, khumbula, ngifundisa ebandleni lami kuphela. Uhlala njalo, phambi kwebandla lakho . . . Hlola a—amateyipu, futhi uma ungafuni ukuba ibandla lakho liwezwe, ungabavumeli bawezwe. Kodwa ngi—kuphela ngizama ukusho kuleliqembu elincane lapha engi—uMfowethu Neville nami, ngoMoya oNgcwele, uzama uku—ukubelusa nokubafundisa . . .

Manje, kukhona ezinye zalezizinto eningaphikisana kabi kabi ngazo. Ngakho uma kukhona, njengoba ngangihlale ngisho ngokudla inkukhu ethosiwe: Uma unqwamana nethambo awuyilahli inkukhu, uvele ulahle ithambo. Ngakho hlala wenza lokho. Udla uphaya wokusamathunduluka bese uzithela phezu kohlamvu, ungeze wawulahla uphaya, uvele ulahle uhlamvu. Ngakho yenza into efanayo ekulaleleni lokhu.

Manje, ngi—ngikholwa ukuthi—ukuthi i—isizathu sokuba kubekhona ukudideka okuningi kangaka namhlanje mayelana noMoya oNgcwele, Awufundiswa ngokuyikho. Ngikholwa ukuthi umbhaphathizo uyafundiswa, futhi kuvele kuthiwe nje, "umbhaphathizo," kodwa bese kuba . . . Njengokuthi uthi, "imoto." Kodwa manje, ngineningana lomakhenika kulelibandla, futhi angazi nokukodwa ngakho, ngakho uma ngenza iphutha, bazalwane, ngi . . . Khumbulani angisuye umakhenika.

Kufanele kubekhona okhoyela, namaplaki, namapoyinti, namavalvu, nakho konke okunye okwenza imoto. Futhi uma ukhuluma ngomBhaphathizo kaMoya oNgcwele, kuningi kabi okuhambisana nalokho. Niyabona na? Kuningi kabi okuhambisana nalokho. Futhi nakhu engicabanga ukuthi uNkulunkulu uyafakazisa ukuthi uMoya oNgcwele ulapha. Niyabona na?

Manje, uPetro wathi kuqala, ukukholwa. Manje kuqaphelisiseni ngempela manje. Sizofundisa lokhu imizuzu

embalwa. Ukukholwa, manje, kungokwakho kokuqala. Bese wengezela ekukholweni kwakho, amandla; emandleni akho, ukwazi; ekwazini kwakho, ukuzithiba; ekuzithibeni kwakho, ukukhuthazela; ekukhuthazeleni kwakho, ukumesaba uNkulunkulu; ekumesabeni uNkulunkulu kwakho, uthando lobuzalwane, ukuthanda abazalwane, bese kuba uthando. Futhi noma ubani uyazi ukuthi uthando nguNkulunkulu. UNkulunkulu uluthando. Niyabona na?

Manje lokho—bese-ke kusukela kulokhu, bese kulethwa lokhu emiNyakeni yeBandla eyisiKhombisa, uNkulunkulu wakhela phakathi iminyaka yebandla eyisikhombisa uMlobokazi kaKristu. NgowaseFiladelfiya, owaseThiyatira, nePergamos, nowaseSmirna, e Efesu, unyaka webandla uJesu athi, "Uma u—uma uMyeni engena ngomlindo wokuqala kumbe umlindo wesikhombisa, zonke lezizintombi-nto zivukile." Zazi—zavuka, izintombi—nto zase Efesu, eSmirna, ePergamos, eThiyatira, eSardesi, eFiladelfiya, naseLawodikeya. Nikuqaphelile lokho na? Kwakungunyaka wesikhombisa lapho ngenkathi Efika futhi evusa lezozintombi-nto ezazilele. Lokho kuzibuyisa kusukela le phansi kuza lapha (niyabona na?), ngoba kulokhu, iminyaka yonke, izikhathi, Wakhe uMlobokazi, ozalwe enguMlobokazi, wazala uMlobokazi emhlabeni ukuba abe ngokaKristu. Futhi ngendlela efanayo Azala ngayo loMlobokazi, Uzale abantu ngabanye.

Manje, ngendlalela lokhu, ukuze nibone uma iphupho lika dadewethu selishiwo.

Manje, lezizinto lapha ngokoqobo zifanele zibe kumKristu ngaphambi kokuba uMoya oNgcwele uze ubabeke uphawu, ngaphambi kokuba lokhu kwehlele esicongweni bese kwenza ubunye obuphelelisiwe.

Manje, iphupho likadadewethu manje. Wayekhathazekile ngokuthi ngabe wayenawo yini uMoya oNgcwele noma qha. Ngenkathi ecambalele enqume kwiDuofold, lapho umyeni wakhe wayefunda khona iphepha (futhi unabantwana, njengoba nami nginabo, futhi bahlala njalo bebanga umsindo nezinto), futhi ngakho kulokhu, wazumeka cishe imizuzu elishumi kumbe ishumi nesihlanu; wayesephupha. Futhi akazange aliqonde kumbe alithole lonke kusukela sekwedlule unyaka, cishe, kwaze kwafundiswa lomlayezo. Kwase kuthi ngenkathi ngisawufundisa, labuya lonke kuye.

Futhi waphupha ethandaza. Wayehamba phansi kuqala, engakaphuphi, futhi ethwele izandla zakhe ekhanda, futhi ecabanga, "Nkosi, ngabe nginawo nje uMoya oNgcwele na? Ungakufakazela kimi. Abanye bathi ngoba ukuthi—ukuthi ngamemeza, kumbe abanye bathi ngoba ngakhuluma ngezilimi. (Futhi siyakholelwa kukho konke lokho.) Kepha ngabe ngempela nginaWo na?"

Ngiyakholelwa kuzozonke lezozinto, lezoziqiniseko: ukukhuluma ngezilimi, nokumemeza, nazozonke izinhlobo zezibonakaliso. Ngikholelwa kukho konke okwakho. Kodwa uma kukhona ngaphandle *kwalokhu,* bona kukhona okuliphutha. Niyabona na? Manje, niyabona na? Wena... Niyabona, ninegobolondo.

Qaphelani, futhi wayekhathazekile ngakho, ngakho wavele wacambalala wanquma kwiDuofold, lapho umyeni wakhe wayefunda khona, futhi wazumeka. Futhi waphupha wayephezulu entabeni. Futhi phakathi kulentaba... Okungcono...Anginalo iphepha phambi kwami, kodwa ngicabanga ukuthi likanje: Waphupha ebona o—okufana nebhokisi ledwala, njengomqolo uhlezi khona impela esicongweni salentaba. Futhi umyeni wakhe wayesemuva kwakhe nje. Futhi wabona indoda ebanzi imi lapho igqoke izingubo zomsebenzi, ifingqe imikhono, ikhipha amanzi acwebe kunawo onke amanzi asake wawabona futhi iwathela kulelibhokisi, lelibhokisi ledwala lihlezi esicongweni sentaba. Futhi ibhokisi ledwala lalingawababambi amanzi; futhi aginqika ephuma khona lapho futhi abilisa yonke imfucumfucu nezinti nakho konke phakathi lapho, futhi akubilisa kwaphuma, futhi aginqika ehla entabeni. Futhi aginqikela ezinyaweni zakhe, futhi wayemi kuleyonto impela; ukuthi nje awazange anamathele kuye. Futhi—futhi-ke wayesebuza ukuthi kungani ibhokisi lingazange liwabambe, futhi indoda yathi, "Lawo akusiwo amanzi. Lowo nguMoya oNgcwele," yayisithi; "akukho okuyoWubamba."

Wayesethi, "Yase isuka ibuyela emuva yathola elinye ibhakede elikhulu—futhi laligcwele uju—yayisithululela uju phakathi lapho yayisithi, 'Manje, lizokubamba lokhu.'" Futhi wacabanga ukuthi ibhokisi la—ibhokisi ledwala lalizoqhuma lisakazeke futhi lichithe uju, kodwa alizange. Ekugcineni lanamathelana thaqa lalubamba.

Waphenduka wehla entabeni. Ehla entabeni, wama phansi ekugcineni kwentaba wase ebuka emuva. Wabona imifudlana emihlanu yalawa acwebile, amanzi acwebe kakhulu, angonakaliswanga yizinto edlule kuzo, eseyilokhu ecwebile ecacile, eza ngokushesha. Ase-ke ehamba kahle; ase-ke ecishe ukushabalala. Futhi wayemangala ukuthi kaze ayofinyelela yini phansi ekugcineni kwentaba—imifudlana emihlanu—wayesephaphama. Ngicabanga ukuthi lithi alibe njalo impela, alinjalo, Dadewethu Shepherd na?

Manje, kwathi nje ngingakayithathi incwadi ngiyivule, ngaphambi kokuba ngiyifunde, ngalibona iphupho lakhe. Manje, yileyondlela amaphupho achazwa ngayo. Manje, iningi lenu lifikile kimi namaphupho futhi—futhi nisho izinto kimi ngamaphupho. Ngithi,"Awume kancane. Awuzange ulisho lonke" (niyabona na?); bese ngibuyela emuva ngikucaphune.

Ngakho uma ungakwazi ukusho ukuthi uphupheni, wazi kanjani ukuthi incazo iyiyo noma qha na? Niyabona na? Ufanele ukuba—ufanele ukuba ulibone iphupho. Umbono ufanele ulikhombise iphupho. Futhi uma ubona iphupho umuntu aliphuphile, futhi ukwazi ukubatshela bengakakutsheli, khona-ke uyayazi incazo . . .

Kuhle, ngikholwa ngukuthi lokho kusemBhalweni futhi. UDaniyeli sikhathi simbe (kwakungenjalo lokho na?) wathi . . . Yebo, ngikholwa . . . Kwenzekile ngacabanga ngalokho ngalesosikhathi. Niyabona na? Kodwa uhlala ulibona iphupho, manje, uma incazo iqinisile. Umuntu uqala ukukutshela iphupho, uvele nje ubamise, uthi, "Awume kancane. Futhi kwaku *nje-kanje,* kwa *nje-kanje,* na *kanje-kanje*."

Futhi bese uthi, "Lokho kuyikho ngempela ngempela." Niyabona na?

Umlisa, ngelinye ilanga, wayezama ukungitshela iphupho aliphuphayo. Wathi, "Ehhe," wathi . . .

Ngathi, "Manje, mfowethu, uyishiyeleni ngaphandle leyana enye ingxenye na?"

Wathi, "Yiphi enye ingxenye na?"

Ngathi, "Waphupha uphosa idwala phezulu emoyeni, ngase ngilidubula ngathola amanye esweni lami."

Wathi, "Liqiniso ngempela lelo, Mfowethu Branham."

Futhi bavele bathatha bakhipha ingxenye yalo yokugcina izolo. Ngakho nakho lapho ukhona. Niyabo? Niyabona na? Yini ungavumeli . . . Khuluma iqiniso ngalo. Kodwa, niyabo, kuhlala njalo kwembula emuva lokho—kukutshela iphupho lakho, ukuthi uphupheni. Khona-ke uyazi ukuthi kuqinisile.

Manje, nansi incazo yephupho lakhe. Wayekhathazekile mayelana noMoya oNgcwele. Manje, njengalokhu ebone ibhokisi esicongweni sentaba ukuthi lalilidwala, *ibhokisi ledwala* ngu "kuvuma kwedwala." Manje, njengoba uJesu asho emBhalweni, Wathi . . . uPetro wathi . . . UJesu wathi, "Umuntu uthi Ngingubani, iNdodana yomuntu, mina na?"

Omunye wathi, "Wena unguEliyase, noMose, nokunjalo."

Wayesethi, "Kodwa nina nithi Ngingubani na?"

Wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu oPhilayo."

Manje, abanye abantu bathi . . . Manje, ibandla eliKatolika lithi, iBandla eliRoma Katolika lithi okwaKhe—idwala laliyilokho uJesu athi, "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi amasango ehayidese awayikuLehlula," . . . Bathi kwakuphezu kukaPetro, futhi uPetro wayeyilelodwala, ngoba ukuthi *Petro* kuchaza "itshe elincane." "Futhi phezu kwaleli*tshe*

*elincane* Ngiyakulakha iBandla laMi.” Futhi phezu kukaPetro ba—ukulandelana kobuphostoli—bakha ibandla.

Bese ibandla lamaProtestane lithi, “Yiphutha lelo,” ukuthi Walakhela phezu kwaKhe uqobo iBandla.

Manje, kungesikho ukungavumelani, kodwa ngi—ngendlela yami engikubona ngayo, kuliphutha kokubili, ngoba Akazange aLakhele phezu kukaPetro, kanjalo futhi AkaLakhelanga phezu kwaKhe uqobo; kodwa kuphezu kwesambulo sikaPetro sokuthi Wabe Engubani. Niyabona na? “Umuntu uthi Ngingubani, iNdodana yomuntu . . . ”

“Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu oPhilayo.”

“Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona: inyama negazi akukwambulelanga lokhu (ikholiji elithize. Niyabona na?); kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele. Wena unguPetro, phezu kwalelidwala (lokuvuma, phezu kwalesisambulo) Ngiyakulakha iBandla laMi.”

Futhi lokho beku . . . Unyaka webandla ngamunye ububanalo lelodwala lokuvuma kwenyukwe njalo kuze kuzofika kulelidwala lokuvuma laseLawodikeya. Futhi manje, ungeke wenza ibandla elingcwele. Ayikho into okuthiwa yibandla elingcwele kumbe inhlangano engcwele. UMoya oNgcwele ungashunyayelwa kulo, kodwa phakathi lapho uthola okuhle nokubi, amambuka, ukuyekethisa, nakho konke okunye. Ngakho inhlangano ingeke ibambe . . . Ungeke uthi, “SinaWo; akukho namunye wabo onaWo.” Qhabo, mnumzane! UMoya oNgcwele uthululwa phezu kwabantu ngabanye. Ngumuntu ngamunye.

Ngakho-ke, idwala . . . Lolusuku lwakamuva lwebandla lePentekoste, elemukele uMoya oNgcwele bakwenza ekuqaleni . . . Kwehle njalo ngeminyaka, bemukela uMoya oNgcwele, kodwa hhayi esilinganisweni abanaWo ngaso manje; ngoba kungukubuyiselwa kokokuqala. Njengoba sithatha uthi lwesibani, uAlfa no Omega, ukuthi basikhanyisa kanjani isibani sokuqala: sasiya sikhuphuka, futhi saya ngokufifiyela, kwase kubuya futhi (niyabona na?), okokuqala nokokugcina nokunjalo.

Manje, kodwa kulonyaka webandla uMlayezo uthululelwa ebandleni. Kodwa umzimba webandla, qobo lwawo, ngakho konke . . . Njenga—lelitabernakele, sizothi; yilapho eza khona ebandleni. Lelitabernakele alisilo itabernakele likaMoya oNgcwele. Ayikho into enjalo. Abantu ngabanye abeza kulelibandla yibona abangamatabernakele kaMoya oNgcwele. Bangamatabernakele aphethe uMoya oNgcwele, kodwa hhayi ibandla emzimbeni oyiqembu. Ngakho-ke Uyaphuma.

Kodwa yini, lomlisa owayethela amanzi, isithunywa kulo ibandla, sithela uMlayezo ebandleni . . . Kodwa ayenzani amanzi na? Ayebila ekhipha yonke imfucumfucu eyayikulo. Wenzenjalo-ke uMoya oNgcwele: uyalibilisa.

Manje, manje, uju lwalumele uthando lobuzalwane, ukuthanda abazalwane, okuyilonyaka. Ngisanda kuqeda ukunitshela (niyabona na?) ngokuthanda abazalwane, unyaka esiphila kuwo manje.

Manje, ungahle uthi, "Buka, a—a—angimthandi ngempela uMfowethu Neville," kumbe, "Angimthandi ngempela uMfowethu Jones; angimthandi uMfowethu *uS'bani-bani*," futhi into enjengaleyo. Kodwa ake kwenzeke okuthile kuye; mfowethu, inhliziyo yakho yephukile. Kuvele kuthi yifa. Niyabona na? Singakuthola ukuthanda abazalwane futhi sizwelane nomunye. Niyabona na? Kodwa ukuhlalisa eqenjini labantu . . .

Umkhathalelelani lowomfowethu na? Ngoba wahlephula isinkwa naye lapha e altare, njengoba nizokwenza namhlanje ebusuku; uhlanganyela naye; uyamxhawula; ukhonza naye. Ungumfowenu. Futhi angahle enze okuthize enyameni wena ongevumelane nakho, ngoba uthi nje ukuhlala (okungafanele ukwenze kodwa)—uthi ukumshalazela kancane. Kodwa phansi enhliziyweni yakho, uma kukhona okwenzeke kulowomfowethu, kungacishe kukubulale, kumbe lowodadewethu.

Ngi—ngingumuntu omdala. Ngake ngamusha futhi manje sengimdala. Ngikubonile kusukela phansi onyakeni kwenza lokho. Ngizwa abantu bethi, "Hawu, ngeke nje ngisazihlupha ngaye." Futhi okuthile kwenzeke kulowomlisa, kuthi akumbulale; acabange, "O, Nkulunkulu, ngiyekele umfowethu othandeka kakhulu ngingasashwelezisananga naye (niyabona na?) futhi." Niyabona na? Niyabo, wuthando lobuzalwane. Kubonakala sengathi kungeke kusanamathela, kodwa kuyanamathela. Uju, luyanamathela.

Manje, njengoba evela lapho, ehla ngegquma aze ayofika phansi ekugcineni kwegquma . . . Manje, lamanzi amahle kakhulu ayephophoza phezu kwamagquma emifudlaneni emihlanu. Manje, *isihlanu* siyinombolo yomusa: U-J-e-s-u, u K-h-o-l-o, u-M-u-s-a. Niyabona na? *Isihlanu* yinombolo yomusa. Imifudlana emihlanu yayithulula ivela phezulu *lapha* emkhombeni yehlele *lapha*. Futhi ngamunye waleminyaka wawunalelodwala lokuvuma. Abangcwele balele, balindile, balindile, balindile, balindile (niyabona na?) kuhambe njalo kuze kube yilonyaka, kodwa ngokushesha uMoya oNgcwele, uthululwa uvela kuKristu, uyofika futhi ubeke uphawu iBandla, khona-ke iBandla liyohlwithwa. Kuyoba ngububodwa obuphelele bukaNkulunkulu, uMlobokazi kaKristu, oyoba yinhloko yakho konke. Niyangilandela manje na?

Manje, wayemangala . . . Manje, ephusheni lakhe wayemangala, ukuthi ngabe lomfudlana omncane, ngabe lomfudlana omncane uyoke ufike nje phansi ekugcineni. Niyabona na? Wawusha. Manje, njengoba yena uqobo . . . Manje

nakhu engifuna ukuba ningene kukho manje. Yena uqobo lwakhe wayezibuza ngesingaye. Ngabe wayenawo nje uMoya oNgcwele na?

Manje, ngakugwema ukusho lokhu ezinsukwini ezimbalwa ezedlula, ngicabanga ukuthi ibandla lingazibambela khona ngokomoya (futhi mhlawumbe kungcono ngiyivale leteyipu manje nje, kodwa—ngoba angifuni kuphumele phakathi kwabazalwane); kodwa ungakhuluma ngezilimi, ungamemeza, ungasina, ungakhipha amademoni, wenze noma yini ofuna ukuyenza, futhi ube ungakabi nawo uMoya oNgcwele.

Abazange yini labobafundi babuye bethokoza futhi bememeza, ngoba amademoni ayebathobela na? Futhi uJesu . . . Khona impela phakathi kwabo kwakukhona uJuda na? Akazange yini uJesu asho ngalolosuku, lapho Efika, ukuthi "Abaningi bayakuza kiMi bathi, 'Nkosi, angikhiphanga yini amademoni futhi ngeGama laKho ngenza imisebenzi yamandla,' khona Ngiyakuthi, 'Sukani kiMi, nina benzi bokubi, aNgizange nginazi.'" Lezozinto azisizo izinkomba zikaMoya oNgcwele. Niyakubazi ngesithelo sabo.

Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, ngabe si—singakhuluma ngezilimi na?" Ngoqobo, lokho yiziphiwo zikaNkulunkulu. Kodwa lezoziphiwo zikaNkulunkulu, ngaphandle kwaleziziqiniseko kuzo, zenza isikhubekiso kongakholwayo. Akwemukelwa nguNkulunkulu. Yilokhu okufanele kube kuqala. Futhi nxa unokukholwa, amandla, ukwazi, ukuzithiba, ukukhuthazela, ukumesaba uNkulunkulu, nothando lobuzalwane, bese-ke uMoya oNgcwele uyehla bese ekubeka uphawu ngawedwa, ngokufanayo nanjengoba Ebeka uphawu iminyaka yebandla nje ngawodwa. Indlela Enza ngayo uMlobokazi waKhe iyindlela Enza ngayo umuntu waKhe ngayedwa: wenziwe ngempahla efanayo, njengo Eva wenziwa ngo Adamu, ubambo oluvela ohlangothini. Nazi izinto okufanele ubenazo kuqala. Ungeke uzifanise; ungeke uzilingise; zifanele zibe ngezithunyelelwe nguNkulunkulu futhi zizalwe nguNkulunkulu. Ukulingisa kuphela kubanga ukudideka.

Kunjengoba ngasho: Ungathini nje ubona uklebe, ehlezi lapho nophaphe lwejuba lunamathele emaphikweni akhe, athi, "Niyabo, ngiyijuba." Akasilona ijuba, unguklebe, inqe.

Ungathini inyoni emnyama inophaphe lwepigogo emaphikweni ayo futhi ithi, "Niyabo . . .?" Lokho yinto eyinamathelisileyo. Kodwa kufanele kuphumele ngaphandle kuvela ngaphakathi, futhi kuveza ubuKristu. UNkulunkulu, ngamandla kaMoya oNgcwele . . .

Udadewethu izinyawo zakhe zazimanzi ngenkathi efika phansi ekugcineni. Sonke siyamazi uDadewethu Shepherd ukuthi ungonesihawu . . . Indlu yakhe ivulekile. Yena noMfowethu—angikhathali noma kuyisithayithayi, isinxibi,

kumbe nomangabe kuyini, bayomupha ukudla, benze nomayini ukuba bamsize. O, uNkulunkulu wakwemukela lokho, ingxenye yakhe yesisekelo. Futhi nansi i . . .

Manje, tholani lesisifundo: Nakhu okuliphutha nge— nge . . . (Akufanele ngikuvule lokhu.) Nakhu okuliphutha kwiTabernakele likaBranham. Niyabona na? Kukhona izinhlobo ezimbili zokukholwa; kukhona izinhlobo ezimbili zamandla, njengoba ngakubeka ngelinye ilanga; izinhlobo ezimbili zokwazi; izinhlobo ezimbili zokuzithiba. Umuntu ucabanga ukuthi yisenqabelo. Bane . . . Leyo akusiyo inhlobo yokuzithiba uNkulunkulu akhuluma ngayo. Kuyilokho-kungamesabi uNkulunkulu, ulaka onalo ongenakuzibamba kulo nezinto zalolohlobo—ukuphindisela, ukuqophisana.

Ukukhuthazela, nokunjalo, kukhona umbhinqo wakho, ukuzenzisa sengathi unakho, ukukholwa okuphiwa yimvelo, amandla okuphiwa yimvelo. Kunokuzithiba okuphiwa yimvelo. Futhi zonke lezizinto ziphiwa yimvelo.

Futhi ingxenye enkulu kunazo zonke yokukholwa kwethu ngukukholwa ngengqondo. Ngokuzwa iZwi si—kusiletha ekuqondeni ngengqondo kaNkulunkulu. Kodwa uma lokhu kuvela phezulu, o mfowethu, uma kuke kwashaya *lokhu*, kukhona ukukholwa kokumesaba uNkulunkulu, kokomoya. Bese-ke kwenzani lokho kukholwa na? Lokho kukholwa kuvuma kuphela iZwi. Akunandaba ukuthi enye into ithini, kuphela kuvuma iZwi, ngoba *Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.* (Futhi iZwi lisenguye uNkulunkulu.) *ULizwi waba-yinyama, wakha phakathi kwethu,* . . . Futhi uma iZwi qobo lwaLo litheleka okholweni lwethu, ukukholwa kwethu kwengqondo kuba yisambulo sokomoya . . . "Futhi phezu kwalesisisekelo Ngiyakulakha iBandla laMi," niyabo, qha phezu komcabango wengqondo wokujoyina isonto, umcabango wengqondo walokho, kepha phezu kwesambulo. Nxa leyomifudlana yomusa itheleka kulokho kukholwa kwengqondo onakho, bese phezu kwalokhu, isambulo sokomoya, "Ngiyakulakha iBandla laMi futhi amasango ehayidese angeLehlule." Niyabona na? Lokho kukhombisa ukuthi bayomelana naLo, kodwa akusoze kunqobe. O, into emnandi kangaka.

Manje, niyabo, ukukholwa, lemifudlana emihlanu . . . Benginesinqamu sika shoki lapha, kodwa ngiyethemba akazange asikhiphe. Kodwa imifudlana emihlanu uyabona yehla njalo idabule lapha iqinise lokhu ndawonye. BekunguMoya oNgcwele owenza ibandla lase Efesu. KwakunguMoya oNgcwele owashisa ibandla laseSmirna. KwakunguMoya oNgcwele opha ibandla lasePergamos, nebandla iThiyatira eziKhathini zobuMnyama. NguMoya oNgcwele owakhe lowoMlobokazi, labo abaKhethiweyo abaphumile kuzozonke izinhlelo zezinhlangano kwehle njalo ngeminyaka kanjalo.

Futhi kukhona okhethiweyo, uMlobokazi owakhethwa ngaphambili kaJesu Kristu uMoya oNgcwele ombizile aphume, abaKhethiweyo. Futhi bekunguMoya oNgcwele kulonyaka, lowonyaka, lowonyaka, lowo, lowo, lowo, lowo, lowo kuqhubeke njalo kuye esicongweni; uMoya oNgcwele.

Futhi manje, njengakubantu ngabanye, leziziqiniseko nezinto zi (ukwazi nokuzithiba)—zengezwa ekukholweni kwethu, bese nxa sekufika iTshe lokuvala phezulu, uMoya oNgcwele ukunameka ndawonye. Nanko umBhaphathizo kaMoya oNgcwele. Yingakho kusilele kangaka namuhla.

Ake ngibone lapha. Nginamanye amatekisi engiwalobe phansi lapha. Ake sibone. Benginesithombe sidwetshwe lapha uku—sephupho lakhe. Niyabona na? Ningeke nasibona nilapho.

Manje, sekusuka kuMoya oNgcwele, kufikani na? Khona-ke Uyokupha ukukholwa kwaphezulu, ukukholwa kokomoya, lokho okulapha phansi ekugcineni. Bese-ke lokho kukholwa kokomoya kuvuma kuphela iZwi. Akunandaba ukuthi omunye umuntu uthini, aku—akwenzi lutho oluhle. Lokho kuphela kwazi iZwi. Uma omunye ethi, "Izinsuku zezimangaliso sezedlule," lokho kukholwa kuphela kwazi iZwi.

Omunye uthi, "Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele." Lokho kukholwa kuphela kwazi iZwi. Lokho ukukholwa kokomoya ngempela. Niyabona na? Kunjalo. Niyabona na? Kwazi iZwi kuphela.

Bese-ke, lokho kwakungokokuqala. Okokuqala, kuza kuwe, ukukholwa kwakho kwengqondo, khona lapha, kufika uMoya oNgcwele, wehlele ekukholweni kwakho kwengqondo ukwenze kube ukukholwa kokomoya. Bese-ke ukukholwa kokomoya kuphela kuvuma iZwi.

Manje, futhi okwesibili—kwesithathu: Khona-ke uyoba nokomoya, uyoba—banoMoya oNgcwele, futhi uyobeka uphawu zonke lezizinto kuwe, njengoba lowoMoya oNgcwele uyakumboza lokhu. Kusukela ekukholweni kwakho kuze kukhuphukele kuMoya oNgcwele ukubeka uphawu phakathi kanye noKristu; bese-ke niba munye. Ameni! (Susani lento endleleni yami. Kulukhuni ezingalweni zakho.) Niba munye. Niyabo, wena noKristu nihlala ndawonye. "Ngalolosuku niyakukwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi, naMi ngikini, nani nikiMi." Niyabona na? Ngakho lokho kungokubekwe uphawu ngakunye kweNkosi uNkulunkulu. Manje, bese-ke bayaqinisekiswa babekwe. Nxa lesosikhathi sifika, babangamadodana aqinisekisiweyo namadodakazi kaNkulunkulu.

Niyakhumbula ngale eNcwadini kaMathewu, isahluko 17, elo 1 kuya kwele 5 ivesi, uJesu eNtabeni yokuGuqulwa isimo na? Ningizwile . . . *Yizweni*, leyontshumayelo ngavele, lapha cishe sekuphele unyaka, ngashumayela lokho sekube ngokuthandwa

ngabantu, *Yizweni*. Ukubekwa kwendodana kwabase Efesu 1:5 futhi: "UNkulunkulu usimisele ngaphambili ukuba sibe ngabantwana."

Niyabona, umndeni . . . Uma indodana izalwa kuwo, iba yindodana ngaleyonkathi. Kodwa leyondodana yayiba nomphathi ukukukhulisa. Futhi uma leyondodana ingazange ifike e—ekubeni wuhlobo olufanele lwendodana, ayilokothi ibe yindlalifa. Kodwa uma yayiyindodana ekahle, futhi indodana eyayilalela uyise, khona-ke leyondodana yayiba nelungelo lobuntwana kumbe ibekwe ngokwe ndawo eyiyona yona. Iba yindlalifa yalokho uyise abe enakho.

Futhi yilokho uNkulunkulu ayekwenza eNtabeni yokuGuqulwa isimo. Ngenkathi Ethatha iNdodana yaKhe uqobo, emva kokuba Isivivinyiwe ukuthi iyiNdodana efaneleyo (niyabona na?), futhi yazimela zonke izilingo, WaYikhuphulela eNtabeni yokuGuqulwa isimo wase eYisibekela.

Niyazi, eTestamenteni eliDala babethatha indodana, bayigqokise ingubo enhle ebukekayo, futhi bayibeke phandle phambi kwabantu bonke. Futhi babeyaye babe nomkhosi wokubeka, noma sikubiza ngokuthi ukubeka indodana. KwabaseGalathiya lapho, ngithi ukucabanga ngoPawulu oNgcwele ukubeka ngokuthi ukubeka indodana ngokwesimo samadodana.

Manje, ngokubeka indodana . . . Abefundisi bazoqonda, nabafundi beBhayibheli bokomoya, uku—beka lendodana. Ngamany'amazwi, indodana yayiyindodana ngenkathi izalwa.

Kulapho la abantu bethu bePentekoste benza khona iphutha labo. Ngokuzalwa emndenini ngoMoya oNgcwele, kunjalo, kodwa-ke sifanele sibe luhlobo olufanele lwabantwana, siphathwe ngumphathi ofanele. Niyabona na?

Manje, uma indoda emuva emnyakeni omdala icabanga ngendodana yayo, futhi iyifuna kube wuhlobo olufanele lwendodana, yayithola umphathi obadlula bonke engamthola, uthisha obedlula bonke; ngoba yayifuna indodana yayo ukuba ikhule ibe njengoyise. Niyabona na? Ngakho yayithola umphathi ofaneleyo.

Manje, uma indoda emhlabeni ingacabanga ngomphathi obedlula bonke, kanjani-ke ngoNkulunkulu, uBaba wethu na? Manje, Akazange athole ababhishobhi, nezikhulu zesonto, nabapristi; Wathola uMoya oNgcwele ukuba ube nguMphathi wethu. Futhi uMoya oNgcwele unguThisha wethu. Futhi U—UseBandleni, futhi Uhambisa umbiko kuBaba.

Bese-ke, uma-ke ubaba—umphathi akhuphuke afike athi, "Kuhle, Baba . . ." Manje, Akazukuthola uhlobo oluthize lomphathi olufuna ilala esigqokweni salo, niyazi, uphaphe, sikubiza kanjalo; athi, "O, uma ngitshela uBaba okuthize ngo . . . Lowomfanyana uyimbuka noma kanjani, kodwa uma ngi—uma

ngitshela uBaba, uBaba angahle angikhonondele." Lolo akusilo uhlobo olufanele lomphathi. Uhlobo olufanele lobuqotho bomphathi, lukhuluma iqiniso. Futhi uMoya oNgcwele ukhuluma iqiniso uma Efika phambi kukaNkulunkulu, kithi. Yebo.

Ngakho Uyakhuphuka. Ucabangani na? Ubeyokhophozela namhlanje ukuba athi, "Amadodakazi aKho onke agunda izinwele zawo, futhi Wena wawatshela ukuba angakwenzi. Amadodana aKho agcwele umqondo wokuhlela ngangokuthi awasakwazi ukubonana, futhi lokho ku. . . Futhi azithathela *lokhu* ngenxa ya *lokhu* na *lokhu* ngenxa ya *lokho*." Ukhophozela impela. Kodwa lowoMphathi angathanda kabi ukuba afike athi, "O, he! Leyondodana iyindodana yangempela. Ifana noBaba nje." O, Angathanda kabi ukusho lokho. Niyabona na?

Bese uBaba ekhukhumala ngokuziqhenya athi, "Lena yindodana yaMi."

Yilokho impela uNkulunkulu akwenzayo eNtabeni yokuGuqulwa isimo. Niyaqaphela lapho kwabonakala uMose noEliya. NoPetro, bonke bajabula ngokwedlulele, kwenziwa okwaphezulu, i. . . UPetro wajabula ngokwedlulele; wathi, "Masakhe amadokodo amathathu: elinye libe ngelaKho, nelinye libe ngelikaMose, nelikaEliyase."

Kwathi esakhuluma, uNkulunkulu wamthulisa du. Wathi, "Lena yiNdodana yaMi eNgithokozile ngayo. Yizweni." Niyabona na? UNkulunkulu wazibeka Yena esizindeni futhi, "Lena yiNdodana yaMi."

UMose wayemele umthetho. Abaprofethi babemele ukulunga kwaKhe. Sasingeke sikwazi ukuphila ngomthetho waKhe. Sasingeke sikwazi ukuphila ngokulunga kwaKhe. Angiceli ukulunga; ngifuna umusa, hhayi ukulunga. Angikwazi ukugcina umthetho waKhe, futhi angikwazi ukuhlangabezana nokulunga kwaKhe; kodwa ngidinga umusa waKhe. Futhi uNkulunkulu wathi umthetho nokulunga kuhlangane kuYe. "UyiNdodana yaMi ethandekayo. Yizweni. YiYo, iYona impela."

Manje, eTestamenteni eliDala nxa leyondodana yase imiswa ngokobudodana kumbe ibekwe emndenini, igama layo lalifana nelikayise nse eshekeni. Yebo, mnumzane! Babengenayo i. . . Babenendandatho ngaleyomihla, u—uphawu, uphawu oluyisicindezelo; futhi babeyisimeka [UMfowethu Branham wenza umsindo wokusimeka futhi ushaya ipulpiti ngesibhakela sakhe—Umhl.], bayibeke. Lokho kwakuluphawu oluyisicindezelo. Lokho nje kwakuyi. . . Wayefaka indandatho kayise, lwakhe—uphawu oluyisicindezelo lwakhe; futhi lokho kwakufana nokukayise nse.

Manje, lapho uJesu eselalelile, uJesu kuNkulunkulu, uNkulunkulu waMbeka ngokwe ndawo eyiyona yona: "NguYe lona."

Manje, nxa ilunga lizalwa nguMoya oNgcwele emndenini kaNkulunkulu futhi livivinyiwe ukuthi linazo leziziqiniseko kulo, ukuthi uNkulunkulu angabona amandla, ukwazi, ukukhuthazela, ukuzithiba, ukuthanda abazalwane, nokumesaba uNkulunkulu kulo, bese-ke uNkulunkulu elibeka uphawu kumbe alibeke. Futhi lapho, kulapho ubona khona amadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

Bese abase Efesu 4:30 bethi, *Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube-lusuku lokuhlengwa* kwenu. Manje, abanye benu maBaptisti abafuna ukuya ekuphepheni kwaphakade, manje, uma nizofika kulesosigaba, ngiyoma nani kungukuphepha kwaphakade, uma nizofika kuleyondawo. Kodwa ukuthi nje, noma ubani uthi, "Ngizohamba ngijoyine ibandla lamaBaptisti"; "NgiyiPresbyterian"; "Nginokuphepha kwaphakade"; lokho liphutha. Impilo yakho uqobo iyafakaza ukuthi awunakho. Kuze kubekhona LOKHU noNkulunkulu akumise ube ngumntwana futhi akubeke uphawu ngoMoya oNgcwele embusweni waKhe. . . Khona-ke akusekho ukuphuma kukho. Uphephe ingunaphakade. "Kholwa—Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enibekwe uphawu ngaye nonke neziqiniseko zenu zobuNkulunkulu kuze kube-lusuku lokuhlengwa."

Ngikholwa ukuthi kukhona uMlobokazi omiselwe ngaphambili. Ngikholwa ngukuthi uNkulunkulu wathi Uyoba neBandla elingenasici kumbe umbimbi. Ngiyakholelwa ekumiselweni ngaphambili: ukuthi uMlobokazi umiselwe ngaphambili; Ufanele abekhona. Ngethemba ukuthi ngikanye naYe. Lokho yi . . . Niyabona na? Ngikanye naYe. Manje, kukimi ukuba ngifeze ukusindiswa kwami noNkulunkulu kuze kuthi lezizinto zivunywe nguNkulunkulu bese-ke ubekwa uphawu eMbusweni kaNkulunkulu. Nanko uMoya oNgcwele. Nanso imisebenzi yangempela kaNkulunkulu. Kubekwe uphawu kuze kube-lusuku lokuhlengwa.

Kwakuliphupho lakhe lelo. Ngicabanga ukuthi lalilihle.

Manje, ngakho-ke, uma Enza lokho, uma leloBandla lifika kulendawo, kumbe umuntu ngamunye . . . IBandla lizobakhona. Ake ngikusho kahle ngempela ukuze nikuthole: IBandla limiselwe ngaphambili ukuba libekhona. Ngifuna ukuba kanye naLo, kodwa okuyiyonandlela kuphela engingabanaLo, kungukuba ngibe yingxenye yaLo.

Ngiba kanjani yingxenye yaLo na? Ngokuba kuLo. Ngingena kanjani kuLo na? Ngombhaphathizo, ngaMoya munye. I KwabaseKorinte 12: "NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye." Mzimba munye, sabhaphathizelwa kuWo.

Kodwa ungeke unamathelise lezizinto ezincane, uthi, "Ngakhuluma ngezilimi. NginaWo." Uphume lapha, futhi

uthukuthele, futhi uthuke, futhi uqhubeke (niyabona na?), lokho kungukufaka izimpaphe zepigogo e—uhlobo lwenyoni emibalabala etshweketshwekeza kakhulu. Niyabona na? Ungeke ukwenze. Impilo yakho qho iyafakazisa ukuthi akusikho. Kodwa uma lezizinto zisebenza kuwe ngoNkulunkulu, khona-ke ubekwe uphawu. Khona-ke akukho kufakelwa mayelana nakho. Unguwe nje. Kulapho-ke la imibono, uMoya oNgcwele ophelele imisebenzi kaNkulunkulu, yonke into ibonakaliswa khona. Ngoba ngani na? Wena noKristu niba munye (ngiyethemba lokho kuyaqondwa), wena noKristu niba munye.

Benginokunye ebengikulobe phansi lapha ebengifuna ukucabanga ngakho. Kusiletha endaweni yokuPhila, bese uba—uba nokuPhila okuPhakade.

Manje, nginesiChazamazwi sesiGreki lapha, i *The Emphatic Diaglott*. Ngayifundisisa ngelinye ilanga egameni.

Manje, kuJohane 14—noma uJohane 3:16, sithola enye indawo ethi, "abe-nokuPhila okuPhakade"; ["have Everlasting Life"—Umhu.] kwenye indawo kuthi, "abe-nokuPhila okuPhakade." ["have Eternal Life."—Umhu.] Kodwa e—ehumushweni lesiGreki, ngesiHeberu kuthi, "ukuPhila okungenamkhawuko." Egameni lesiGreki, bano *A-i-n-i-o-a-n*. . . Elithi alicishe lifane nelithi "iminyaka engenakubalwa." Iminyaka engenakubalwa iyisikhathi esingena . . . Kuyinombolo engenakubalwa. Kungaphambili kwezigidi, izigidigidikazi ezinamaqanda alishumi nesishiyagalombili, izigidi zezigidi. Kodwa lesi yisikhathi se *aionion:* UkuPhila okuPhakade. Negama lakho lesiNgisi yi*phakade*. Sikwazi njengephakade, *Aionion* noma ukuPhila okungenamkhawuko. Niyabona na?

Futhi uma unokuPhila okungenamkhawuko, ungabhubha kanjani na? Usuphenduke waba yingxenye yengunaPhakade, futhi yinye kuphela into engunaphakade. USathane akangunaphakade. Qhabo! U—uba nguSathane. Isihogo asisilo iphakade. Isihogo sadalwa; asisilo ingunaphakade. Nalemizimba ayingunaphakade; yadalwa. Kodwa uMoya kaNkulunkulu uyingunaPhakade. Wawungenaso isiqalo, kumbe Awunakho nhlobo ukuphela. Futhi okuyiyonandlela kuphela esingabanayo nokuPhila okuPhakade (kusuka kulelogama lesiGreki *Zoe,* okuchaza "ukuphila kukaNkulunkulu uqobo"), sine—siba yingxenye kaNkulunkulu uma siba ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu futhi sinokuPhila okuyi *Aionion*. Ngakho ingxenye ephilayo, thina, lokho kuvuma leliZwi ukusuka *lapha* kuya *laphaya,* lokho okuvumayo, kungukuPhila okuyi *Aionion,* ukuPhila okungenamkhawuko. KungukuPhila kukaNkulunkulu uqobo phakathi kithi. Ameni.

Ngelinye ilanga ohambweni nganginoxoxiswano noFakazi kaJehova. Manje, akusikho ukubukela phansi inkolo yomunye umuntu. Sineningi labo abaphendukayo abahlezi lapha abavela

kuFakazi kaJehova. Omunye wabaphathi bakithi bebandla unguFakazi kaJehova—wayenguye, futhi wasindiswa, yena nomndeni wakhe. Uyise wayengofundayo, uMfowethu Woods nabanye. Bonke abafowabo nodadewabo manje, cishe bonke bangenile futhi bemukela uMoya oNgcwele, ngenxa yemibono kaNkulunkulu ibatshela ukuthi benzani nokuthi ba . . . Niyabona na? Yilokho okukwenzile.

Manje, kodwa lapha uFakazi kaJehova encwadini yabo, kuthi ukuphefumula okuphefumulayo ngumphefumulo. Manje, lokho kungebe liqiniso. Ukuphefumula okuphefumulayo akusiwo umphefumulo. Uma kuyiwo, u—u . . . Ngesinye isikhathi ungolunye uhlobo lomphefumulo; ngesikhathi esilandelayo u . . . Omunye umuntu uphefumule lowomphefumulo. Buka ukuthi uyobaphi. Manje, ukuphefumula kungumoya ovunguzayo, futhi umoya ovunguzayo uyilokho okudonsa ngamakhala akho.

Manje, bathatha umBhalo ukusuka emuva, "UNkulunkulu waphefumulela emakhaleni akhe umoya wokuphila, waba-kanjalo umphefumulo ophilayo." Manje, ngifuna ukunibuza okuthize. Uma wayengumuntu, nhloboni yomoya ayeyiphefumula uNkulunkulu engakaphefumuleli lomoya wokuphila kuye na? Niyabona na? Nhloboni yomoya . . . Wayengophefumulayo, ophilayo, umuntu. Yebo-ke, uma lokho kunjalo, khona-ke sonke isilwane singumphefumulo ophilayo, ngoba ziphefumula umphefumulo womuntu, futhi umphefumulo wethu, futhi ngakho konke. Khona-ke uJesu wayengenakuba nasidingo sokufa; umhlatshelo wesilwane wawuyobe wanele. Niyabona na? Ngakho, mfowethu, impikiswano ayimi.

Kodwa uNkulunkulu akwenzayo, Waphefumulela umoya wokuPhila okuPhakade (Ameni!), waba-kanjalo umphefumulo ophilayo, umphefumulo ongeke wafa. Manje qaphelani manje. Sizongena ojwini oluqonde ezindololwaneni zakho. Qaphelani, waphefumulela umoya wokuPhila okuPhakade emakhaleni akhe. Waba-kanjalo umphefumulo waphakade, ngoba uNkulunkulu waphefumulela (akusikho okwenziwe yimvelo, kepha yilokho okwenziwa nguNkulunkulu)—waphefumulela umoya wokuphila emakhaleni akhe, useba-kanjalo umphefumulo ophilayo.

Khona-ke uthi kimi, "U Adamu wafa, Mfowethu Branham." Kodwa khumbula, ngaphambi kokuba u Adamu afe waba newundlu elamhlengayo. Haleluya! Labo Ayebazi ngaphambili Ubabizile. Wathola iwundlu ukuba abahlenge.

Wayengumfanekiso. U Adamu wawa. Wase elungiselelwa iwundlu u Adamu, ngoba vele emakhaleni akhe kwase kubekhona umoya kaNkulunkulu oPhakade; uba-kanjalo umphefumulo ophilayo. Wayeyindodana kaNkulunkulu. Hhayi umoya wakhe, njengegama lase Afrika (angilazi ukuthi lithini igama ngesiGreki okwamanje, kodwa . . .)—igama lesi

Afrika bathi *Umoya*, okuchaza "umoya ovunguzayo, amandla angabonwayo." Izilwane ziphefumula *Umoya*. Izoni ziphefumula *Umoya*.

Pho kungani sizabalazela ukuPhila okuPhakade uma lowo kungumphefumulo ongunaphakade owaphefumulelwa kithi ngomoya. Kungani sizabalazela ukuPhila okuPhakade na? Kuqhuma ngemuva, mfowethu. Niyabona na? Ku—kungeke nje kwakwenza. Kodwa uNkulunkulu ikakhulukazi, phezu kuka Adamu, waphefumulela umoya wokuPhila okuPhakade, uba-kanjalo umuntu ongunaphakade noNkulunkulu. Wayenamandla njengoNkulunkulu: wayengunkulunkulu omncane. Wayengunkulunkulu womhlaba, hhayi uNkulunkulu waseZulwini manje, unkulunkulu womhlaba.

Futhi ngelinye ilanga amadodana kaNkulunkulu ayophinde abe ngonkulunkulu futhi. UJesu washo njalo: "Akulotshiwe yini emthethweni wakini ukuthi, 'Nina ningonkulunkulu'? Ngakho uma nibiza labo Athi bangonkulunkulu, uNkulunkulu abahambelayo, pho ningaNgilahla kanjani, ngithi, uma Ngithi ngiyiNdodana kaNkulunkulu na?" Niyabona na? Manje, singena kokujulileyo. Manje, qaphelani lokhu uma sikubethelela phansi.

Manje, nampa. Manje uyindodana kaNkulunkulu, kodwa wenza iphutha. Uyazi ukuthi wenza iphutha. Manje khumbulani, u Adamu kakhohliswanga. IBhayibheli lasho njalo: I Thimothewu 3: "U Adamu kakhohliswanga, kepha owesifazane waba—khohliswa, waphambuka." U Adamu wahamba no Eva, ngoba kwakungumkakhe. Kufana noKristu, akakhohliswanga nguSathane, kodwa waya kongena ekufeni noMlobokazi. Wahamba ukuba ayoba noMlobokazi, ukuze Akwazi ukuhlenga iBandla.

U Adamu wayazi ukuthi wayesephutheni, ngakho wavele wahamba waphuma no Eva. Niyabona na? Kodwa kwakukhona iwundlu abalungiselwa lona, ukuthi bahlengwa. Futhi lamawundlu namuhla, ayaziwa nguNkulunkulu ngaphambili futhi uNkulunkulu uwabizile, kukhona uMhlengi. "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi; nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi." Ngabe kunjalo na?

Ngakho kukhona iWundlu elilungiselweyo kusukela esisekelweni somhlaba, lapho amagama abo elotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu. IWundlu lalungiselwa ukuba lenze indlela yomusa kubo bonke ukuba baye ekuvukeni. IWundlu elilungiselweyo, iwundlu lika Adamu.

Manje qaphelani, njengo Adamu wayenewundlu elilungiselweyo. Manje, lelo yiBandla namuhla. Angiqondile i—isonto. Niyazi ukuthini? Angikusho ukuba ngingcolise okungcwele, futhi angikusho ukuba ngithunuke imizwa kanoma ngubani. Angikho lapha ukuba ngizokwenza lokho, ngoba sengivele ngizichazile; ngilapha ukusiza.

Kodwa engizama ukukwenza . . . Niyazi ukuthini? Eqinisweni lamabandla awasiwo amaBandla. Linye kuphela iBandla. Lawa angamadlangala (niyabona na?); angamadlangala. Anginalutho . . . Kulungile konke, kodwa ngi—ngifuna ukukufakazisa lokho kini emizuzwini embalwa, ukuthi kuphela angamadlangala. Ungowedlangala eliyiMethodisti, kwidlangala eliyiPresbyterian, kumbe kwidlangala eliyiPentekoste, kuhamba kanjalo, lokho yi . . . Niyabona na? Amadlangala! Niyabona na? Ungeke . . . Niyabo, amasonto eqinisweni angamadlangala lapho abantu abamqondo ofanayo beshushumba ndawonye. Kodwa iBandla linye. Futhi ungeke ulijoyine iBandla; uyazalwa kuLo. Futhi uma uzalwa kuLo, uyilunga Lalo.

Njengomndeni wami nje. Bengisemndenini kaBranham iminyaka engamashumi amahlanu-nantathu; abazange baze bangicele ukuba ngiwujoyine umndeni. Ngani na? Angidingi ukujoyina umndeni. Ngazalwa ngins'Branham. Futhi uyazalwa eBandleni. Manje, lawa amanye angamadlangala. Sewake wacabanga ngalokho na? Yebo, mnumzane!

Ngelinye ilanga ngangigunda utshani, futhi ngangicabanga ngokuthi, yebo, ibandla eliKatolika elingcwele elikhulu, balibiza kanjalo. Ngangilokhu ngiqhubeka nalokho kanjalo, ngigunda, futhi okuthize kwangimisa ngokujiyile nje, kwathi, "Ungakubizi lokho ngalokho." Futhi ngaqalaza. Ngaqala ukuqhubeka nokugunda, kwaphinda kwangimisa futhi, kwathi, "Ungababizi ngalokho." Kwathi, "Bayidlangala njengamanye. Abasilo iBandla. Linye iBandla." Niyabona na? Bangamalunga edlangala, ngoba ungalijoyina idlangala, kodwa ungeke ulijoyine iBandla. IBandla, uyazalwa kuLo. Uba lilunga laLo ngokuzalwa okusha, bese uba lilunga lomndeni, umfowethu kumbe udadewethu kuLo.

Manje, ake nginifundele kwi *The Emphatic Diaglott* lapha okuthize, kweZambulo 17:3, kwi *Apocalypse* ye *the Emphatic Diaglott* lapha, futhi qaphelani lokhu nje, ukuthi lokhu kufundeka kanjani—ukuthi kuqhathaniseka kahle kanjani nalokho: IZambulo 16—17. Kulungile! Manje, ake sifunde lapha umzuzu nje. Lalelisisani lokhu. ISambulo 17:3:

> Enye yalezoziNgelosi eziyisikhombisa ine . . . zitsha eziyisikhombisa yeza yakhuluma *na*mi, . . . (*nginifundela kwi Lexicon.*) . . . *iphethe*, "Woza, ngizokutshengisa ukwahlulelwa kwalesosi*febe* esikhulu, esi*hlezi* phezu kwamanzi amaningi; . . . (*Futhi sonke siyazi ukuthi leyo yiVatican.)*

Lapha sine *Our Sunday Visitor* phakathi lapho evela ebandleni eliKatolika, isitshela khona impela ukuthi kuyini. Niyabona na? Futhi lempendulo kukho yathi, "Kodwa awume kancane." Yathi, "Bekukhona zonke izinhlobo zamagama," kwathi, "ayokwenza ama 666."

Ngathi, "Kodwa awukahle kancane nje!"

Yathi, "Igama lakho lingahle lenze amakhulu ayisithupha, isithupha—"

Kodwa ngathi, "Angihlezi emagqumeni ayisikhombisa ngibusa izwe nokho." Niyabona na? Niyabo, kunjalo. Niyabona na?

> "...tshengisa...ukwahlulelwa kwe*sifebe* esikhulu, *esihlezi* phezu kwamanzi amaningi;...(*Amanzi, iSambulo 17:15, ngukuminyana nezixuku zabantu. Niyabo?) afeba* naso amakhosi omhlaba, nabakhileyo emhlabeni *ba*dakiswa yiwayini *lo—bufebe* bakhe."... (Manje qaphelani.)
>
> Yayisingiphelekezela, ngi*ku*Moya, ingiyisa ogwadule;...(I *The Emphatic Diaglott manje. Niyabona na?)*...ngabona owesifazane *ekhwele* isilo *esembethe* ezibomvu, sigcwele amagama ayinhlamba,...

Manje, kwi King James kuthi,...*sigcwele amagama enhlamba*. (Ake nithi kancane. Manje, ngizokuthola lapha umzuzu nje. IZambulo zesi 3.) Kulungile, nakhu. Kulungile, iSambulo, bengiqonde 17, hhayi 7, 17. Manje lalelani evesini lesithathu:

> *Yayisingiyisa ehlane ngikumoya: ngabona owesifazane ekhwele isilo esibomvu, sigcwele amagama enhlamba,...*

Sikuthola kanjalo-ke isiNgisi, kodwa isiGreki sakuqala kwi *The Diaglott* kufundeka kanje eSambulweni 17:3. Manje lalelani.

> Yayisingiphelekezela, ngi*ku*Moya, ingiyisa ogwadule; Ngabona owesifazane *ekhwele* isilo *esi*bomvu, sigcwele amagama ayinhlamba,...

Lokho kwehluke kakhulu kabi, ekutheni "amagama enhlamba" kuya ekutheni "amagama ayinhlamba." Kuyini na?

Futhi thina—futhi manje, wayengunina wezifebe. Sonke siyakwazi lokho. Manje, kuyini na? Awudingi ukuba...Yebo, kulungile. Lokho kuyothatha iBandla eliRoma eliKatolika, kodwa ugcwele amagama ayinhlamba: iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, nawo onke, ezibiza ngamabandla kaNkulunkulu—amagama ayinhlamba. Omningi umehluko phakathi kwa "magama enhlamba" na "magama ayinhlamba." Bazibiza ngeBandla likaNkulunkulu futhi bazikhombise phambi kwezwe, namaphathi amakhadi, futhi bephuza beqhubeka, namasapha amasobho, nakho konke okunye, nayoyonke inhlobo yezinto kuze...Kukhona iBandla elilodwa kuphela. Uyazalwa kuLo. Awungeni lapho, uze ugezwe ngeGazi leWundlu futhi ubekwe uphawu ngoMoya oNgcwele.

Umehluko ongaka phakathi kwa “magama enhlamba” na “magama ayinhlamba.” Niyawuthola na? Ngikubambile lokho namhlanje ekuseni ngenkathi ngifunda lapha i—ngehla. Kukhona into evele yangitshela nje, “Hamba uye ekamelweni lakho; uthathe i *The Diaglott*.” Qhabo, kungukulalela nje, yilokho kuphela. Ngahamba ngangena, ngase ngithatha iSambulo 17. Ngacabanga, “Ufuna ukuba ngikufundeleni lokhu na?” Ngase ngiqala ukufunda. Ngithe ngingakuthola, “Nakho.” Ngathatha ipensela ngakuloba phansi. Ngathi, “Nakho.”

Manje, bayangimpongolozela ngokukhahlela izinhlangano. Yilawomagama ayinhlamba azibiza ngamaBandla kaNkulunkulu, namaBandla kaKristu, namabandla eMethodisti, namabandla e. . .Kungamadlangala, akusiwo amabandla. Linye iBandla, lelo yiBandla leNkosi uJesu Kristu. Futhi Liyini na? UMzimba ofiphele kaJesu Kristu osebenza emhlabeni, owenziwe ngelunga lanoma yimaphi alamabandla, lelo kuyoba lilunga loMzimba kaKristu. Ufanele uzalwe kuWo; akusikho ukujoyina kuWo. Futhi u—ukujoyina phakathi kuWo kungamagama ayinhlamba.

Lona wesifazane, lona wesifazane, amandla akhe. . .Futhi niyabona njengamanje ukuthi bazobayisaphi bonke abantu abanemiqondo eyinqaba ngenkolo futhi babathumele e Alaska. Nikubonile lokho. Zonke izinkolo zethu eziyinqaba. . .Ne—kuyini na? UMkhandlu, uMkhandlu wamaBandla oMhlaba. NeKatolika kukhulu bayakwenza kuyaqhubeka eVatican manje, laphaya lapho abazama. . .Nabo bonke lababhishobhi nokunjalo, bazama ukufika esivumelwaneni ukuba balwe nobukhomanisi, umhlaba ulwa nobukhomanisi futhi kuphela bejoyina ubuKatolika.

Futhi kufana nje njengoba kunjalo namuhla: nakhu lapho esikhona, njengoba ngishilo, si. . .Igolide. . .Sesicishe siphelelwe yimali. Siyeboleka, sichitha imali manje ngezintela eziyokhokhwa eshumini nane leminyaka kusukela namuhla. Sesihambe kangako-ke. Ubani onemali yomhlaba na? Yibandla eliKatolika. Iyobolekiswa kanjani e United States na? Ukugcina lezizinkampani zikagwayi nogologo nezinto. Impela bayoyeboleka e. . .Uma bekwenza, bathengisa ngobuzibulo babo kulo ngqo iBandla eliRoma eliKatolika. Siyaqinisa. Qaphelani lokhu kucace bha, kucace ukwedlula ukufunda iphephandaba; nakhu. Niyabona na?

BayiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, nokunye, bezibiza ngebandla likaNkulunkulu. IKatolika, nayoyonke leyonhlobo yento, yilamandla esilo esigcwele amagama ayinhlamba. Uzibiza, “Ngi—ngi. . .”

Ngathi. . .Ngaya esibhedlela lapha esikhathini esingeside esedlulileyo, ngangiyokhulekela umuntu. Ngathi, “Sizo. . .” Kwakungumama wami. Ngathi, “Sizoba nomkhuleko kaMama.”

Futhi inenekazi lathi, "Donsa lelokhethini."

Ngathi, "Awusuye yini umKristu na?"

Wathi, "SingamaMethodisti."

Ngathi, "Ngiyabonga. Bengicabanga ukuthi mhlawumbe ubulikholwa." Ngase-ke ngilidonsa ikhethini macala onke kimi ngaleyonkathi. Niyabona na? Ngakho uma ungesuye umKristu lokho kwahlukile (niyabona na?), kodwa "SingamaMethodisti." Lokho yinhlamba!

Isilo, amabandla, abizwa ngamabandla, awasiwo amabandla. Angiqiniseke ukuthi kuyaqopheka. Awasiwo amabandla; angamadlangala. Abantu bayawajoyina, kodwa ungeke ulijoyine iBandla likaNkulunkulu oPhilayo. Uyazalwa kuLo ngomBhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi uma ubhaphathizwa ngoMoya oNgcwele, leziziqiniseko zibeka uphawu phakathi kuwe ngoMoya oNgcwele; futhi ngakho, "Ozelwe nguNkulunkulu akasenzi isono." Ngeke. Nakho lapho ukhona. O, he! Singalokhu sikhulume usuku lonke, singeke na?

IBandla linguMzimba ofiphele kaKristu, lizalwa ngumphefumulo kaNkulunkulu. Nikutholile na? IBandla likaNkulunkulu lizalwa ngumphefumulo kaNkulunkulu. UNkulunkulu waphefumulela umphefumulo emakhaleni, ngokomoya, ka Adamu, waba-kanjalo umphefumulo ophilayo. Benazi ukuthi amaPentekoste, kumbe iBandla lePentekoste leqiniso lizalwa ngumphefumulo kaNkulunkulu na? Ake nginifundele okuthize umzuzu nje, kulokho nje. Ake ngithi ukubona umzuzu nje. UJohane oNgc., ngiyakholwa, lapho engiya khona, futhi sizothola noma iBandla likaNkulunkulu linjalo noma qha. UJohane oNgc . . . Ake sibone, ngikholwa wukuthi lokho cishe kuse 16, 19, 20. Kulungile. Lapha, ngiyakholwa sizoba nakho khona lapha. Kulungile. Ake nginifundele ngibone noma iBandla lizalwa ngumphefumulo kaNkulunkulu noma qha, njengo Adamu wayenjalo ekuqaleni.Qaphelani.

> *Kwathi-ke kusihlwa ngalolosuku, olokuqala lweviki, iminyango ivaliwe futhi abafundi bekhona ngokwesaba abaJuda, uJesu wafika wema phakathi kwabo, wathi kubo,Ukuthula makube-kinina.*
>
> *Eseshilo lokho, wabakhombisa* isandla *nohlangothi lwaKhe. Ba—Base bethokoza abafundi, beyibona iNkosi.*
>
> Futhi uJesu—Futhi *khona uJesu wabuye wathi kubo, Ukuthula makube-kinina: njengokuba uBaba engithume mina, . . . ngiyanithuma nina.*

Qaphelani! UYise owaMthumayo wahamba wangena kuYe. Futhi uJesu, ngenkathi Ethuma umfundi, Uhamba angene kuye. Yena lowo othumileyo . . . ? . . .

> *Kwathi ukuba asho njalo, wabaphephetha, wathi... Yamukelani uMoya oNgcwele:*...(IBandla lizalwa ngumphefumulo kaNkulunkulu.)

Uma lesisifanekiso sesizibumbe sakhuphuka sayofika laphaya esimweni, umphefumulo kaNkulunkulu wabaphephetha, bemukela uMoya oNgcwele. Khona-ke uyindodana kaNkulunkulu. Ungajoyina noma yini ofuna ukuyijoyina, kodwa uyazalwa e—eBandleni likaNkulunkulu oPhilayo, uzalwa ngumphefumulo kaNkulunkulu. UNkulunkulu wabaphephetha wayesethi, "Yamukelani [UMfowethu Branham wenza umsindo wokuphephetha—Umhl.] uMoya oNgcwele." O, he, nakho lapho ukhona. Akusikho ukuthi "Wozani nijoyine, ufake igama lakho lapho," futhi namasapha enu amasobho nakho konke lokho kuhambisana nakho. Ujoyina idlangala. Ungalijoyina idlangala eliyiMethodisti, idlangala eliyiBaptisti, idlangala eliyiPresbyterian, idlangala eliyiKatolika, kumbe idlangala eliyiPentekoste, noma yini ofuna ukuyijoyina, kodwa ujoyina idlangala. Kodwa uma uba ngumntwana kaNkulunkulu, uzalwa ngomphefumulo kaNkulunkulu. Ameni! Kungcono ngikushiye khona lapho manje. Kulungile.

UkuPhila kukaNkulunkulu futhi sekukuwe-ke. UJesu wathi (umzuzu nje)—uJesu wathi, "NginguMvini, nina niyigatsha." Manje bukani. Kwakuyini ukuqophisana kwabo noJesu na? Ukuqophisana kwabo noJesu, ngoba WayenguMuntu Ezenza uNkulunkulu. WayenguNkulunkulu. UNkulunkulu wayekuKristu. Niyabona na? Futhi Wabatshela, Wathi, "Ningabuki Mina. AkusiMina; nguBaba waMi, futhi Uhlala kiMi." Niyabona na?

Manje, babebuka lowomzimba omncane owazalwa nguMariya. Niyabona na? Lowo kwakungesuye uNkulunkulu; leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu, kodwa uNkulunkulu wayekulowomzimba. KwakunguNkulunkulu. Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi khona-ke Ngilahleni. Kodwa yimuphi kini ongaNgilahla ngesono (ukungakholwa yiZwi)? Yiliphi izwi uNkulunkulu alikhulumile elingagcwalisekanga kiMi na? (Isono ukungakholwa.) Yimuphi kini oNgisola ngesono na? (Isono ukungakholwa.) Ngikhombiseni. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi ka waMi...noma ningeNgikholwe, kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo ngoba iyafakaza." Uma kungenjalo, "UBaba ukiMi, Ezifakazela," ngokuba uNkulunkulu ekuKristu wenza ukuba izwe libuyisane naYe. Niyakuthola na? Kuhle manje, ukuphila okufanayo okusemvinini kusegatsheni futhi. Uzojoyina kanjani phakathi kulokho na? Ungeke.

Ngibone isihlahla esikhathini esingeside egcekeni likaMfowethu Sharrit e Arizona, sasinezithelo zohlobo

lwezithelo ezifana namawolintshi eziyisishiyagalolunye ezehlukene kuso. Kwakuyini na? Kwakuyi—kwakuyisihlahla samawolintshi, iwolintshi elinenkaba, kodwa sasine—sasine—nelamula, uhlobo lwenantshi, ithanjelo, nophaphamuzi; sasinezinhlobo zonke. Futhi ngama, ngasibuka lesosihlahla, futhi ngathi, "Mfowethu Sharrit, uqonde ukungitshela ukuthi lesosihlahla yisihlahla samawolintshi na?"

Wathi, "Impela."

Futhi ngathi, "Awu kanjani—kwenzeka kanjani na?" Ngathi, "Ngibona uphaphamuzi lapha, nohlobo lwenantshi lapha, nethanjelo lapha, nelamula lapha, nazozonke lezi ezinye izithelo. Kwenzeka kanjani na?

Wathi, "Yebo, uyabo, ziyafakelwa."

"O". Ngathi, "Kuhle, ngifuna ukukubuza okuthize. Manje, ake ususe lophaphamuzi nelamula. Manje, ngonyaka ozayo kuyoba yini na? Kuyobe sekuvela newolintshi yini kulokho na?"

"O, qha!" Wathi, "Kuyovela nolamula!"

"O". Ngathi, "Ngibonga wena." Niyabona na?

Ungeke ukwenze lokho. Ungeke ungene ujoyine. Kodwa wathi njalo uma lesosihlahla sikhula ngonyaka bese sihluma igatsha elisha, siveza namawolintshi, uma umvini ngokwawo uhluma igatsha.

Futhi esizame ukukwenza ngukuba ngamalunga ajoyine kuYe, bese siphila ngaphansi kwegama lobuKristu; ngoba si (njengoba kuyi—ngendlela ejwayelekile yokusho)—"Siyisithelo sohlobo lwezithelo ezifana namawolintshi," ibandla lamaKristu. Kodwa uma umvini ngokwawo uthela umvini, uyoba njengomvini wokuqala owawuthelayo. Uma uMvini wokuqala wathela, baloba iNcwadi yeZenzo emva kwawo, uma kwenzeka uthela omunye, uyoloba iNcwadi yeZenzo emva kwawo. Kunjalo.

Ngakho kuphela ujoyina amadlangala. Kodwa uma uzalwa emvinini . . . Unesithelo; kunjalo. Unesithelo, kodwa wenzani ngaso na? Unesimo sokumesaba uNkulunkulu kepha aMandla akho uyawaphika. Uphika izibonakaliso; uphika izimanga; uphika uMoya oNgcwele. Uphika ukukhuluma ngezilimi; uphika imibono; uphika iziprofetho. Uphika ukuphulukisa, kepha nokho uzibiza ngegama. Akumangalisi uMoya oNgcwele athi, "Amandla a—amaqembu abantu abagcwele amagama ayinhlamba (impela!), bezibiza ngomKristu, benezimo zokumesaba uNkulunkulu kepha aMandla akho bewaphika. Labo-ke wobagwema, ngokuba lo nguye ohola abesifazane abasindwa yizinkanuko ezinhlobonhlobo."

Zonke izinhlobo zenhlangano, ibandla ligcwele inqwaba ya*lolu*hlobo lwenhlangano na*lolo*hlobo lwenhlangano. Kuthiwani ngenhlangano kaJesu Kristu na? Niyabona na?

Sinazo zonke lezi ezinye izinto, futhi sithwalisa ibandla lehle. Manje, nakho lapho ukhona.

Ungeze wakwazi ukujoyina iBandla; ujoyina idlangala. Uyilunga ledlangala, leqembu labantu njengoba linjalo nje idlangala. "Sikholwa yi*lokhu*; sinezimiso zethu, futhi sinokwethu esikwenza ngasese nokunjalo." Wenza okufanayo uma—uma ujoyina lokho okubizwa ngebandla, kodwa ungeke ujoyine iBandla. Ujoyine idlangala lamalunga kodwa qha iBandla, ngokuba uyazalwa kuleloBandla. Futhi umvini ngokwawo manje . . . Awume kancane. Qaphela! Futhi ngizovala emva kwesikhashana.

Qaphela! Ngiyaxolisa, be—bengingaqondile ukusho lokho. Bukani. Uma uNkulunkulu aqinisa loMlobokazi abe kanyekanye nalowoMoya, khona-ke Uqinisa umuntu ngayedwa abe kanyekanye nalowoMoya. Niyabona na? Khona-ke uzalwa kulowoMbuso, bese kuthi khona lokho kuphila okwakuku*leliBandla* kuku*lelo*Bandla, na*lelo*, *lelo*, *lelo*, *lelo*. Futhi khona lokho kuPhila okwakusekhobeni, uMvini, uJesu, uselungeni Alihlumisile. Udumo! "Nezinto ezifanayo eNgizenzayo, imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza." Nanto ilunga leqiniso loMzimba kaKristu; akukho hlobo lwegama olujobelelwe kuwo. Yona imisebenzi yalowomuntu ngayedwa iyafakaza ukuthi uvelaphi. Kukhona ukuPhila okufakazayo ukuthi uyini.

"Ngabe u—ngabe u . . . Lunga lini—ungowamuphi umzimba na?"

"UMzimba kaKristu!"

"Kuhle, waWujoyina kuphi na?"

"Angizange; ngazalwa kuWo." Niyabona na? "Ngazalwa kuWo."

Awudingi ukubatshela. Bayazi ukuthi kwenzekeni. Uvele . . . "Ungasikhanyisa kanjani isibani bese usemboza ngesitsha na?" Washo. Niyabona na? Qhabo, qhabo!

Uma uzalwa kulowoMbuso kaNkulunkulu, bese ukuPhila, khona lokho kuPhila okwakukuJesu . . . Khona-ke ukhathalela imiphefumulo. Khona-ke awudingi ukuncenga abantu ukuba beze e altare. Awudingi kuncenga noma ngubani ukuba eze azofuna kanye nalabo abase altare. I—i—izinto zivele zizigelezele ngokwazo, ngoba kubekwe uphawu kuwe. Ungoyedwana kaNkulunkulu. Ubekwe uphawu ngaye uMoya oNgcwele.

Manje, uyazi ukuthi uchaza ukuthini uMoya oNgcwele na? Awusho ukuthi ngagxuma ngaya phezulu ngamemeza, futhi ngezwa into engejwayelekile. Lezo zilungile. Ngigxumile ngaya phezulu futhi ngamemeza futhi ngaba nokuzwa okungejwayelekile. Ngakhuluma ngezilimi. Ngiyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele ukhuluma ngezilimi. Impela! Ngihumushile.

Yebo, mnumzane! Ngiyakukholwa lokho futhi. Kodwa akusikho lokho. Lokho akusikhona engikhuluma ngakho. Kungabakhona indawo evuzayo phezulu lapha ndawo ndawo. Kungabakhona indawo evuzayo lapha ekukhuthazeleni kwakho. Umuntu ake akushaye ngakwelinye icala lobuso. Uyaliphendula elinye na? Kodwa uthi, "Lowomzenzisi ongcolile." Ngakho kukhona indawo evuzayo ndawo ndawo eputshukile. Kungcono sikuyeke lokho. Kulungile. Kodwa niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kodwa uma ubekwe uphawu eMzimbeni kaKristu, khona-ke ugcwaliswe ngoMoya, futhi uyindodana kaNkulunkulu.

O, bengifisa sengathi benginemizuzu ethi ayibe lishumi ukuba ngifunde okuthize lapha, kodwa ngi. . . Ningangibekezelela eminye imizuzu elishumi na? Ngifuna ukufunda okuthize. Kancanyana nje manje. Ngizo. . . Qiniso, ubhontshisi ngeke ushe; ngizoniqinisekisa nje (niyabona na?), uma nje sizofunda lokhu imizuzu embalwa nje. Kusemqoka kabi ukuba singakushiya. Nginezinto ezimbili nje lapha ezifika nje emqondweni wami engithanda ukuzisho. Ake sivule kuJohane oNgc. isahluko 3, kukhuluma ngokuPhila okuPhakade. Ake sithole ukuthi kuthini lapha mayelana nalenkinga yokuPhila okuPhakade nokuPhila kukaNkulunkulu. Manje, manje qaphelani lapha.

> *Kwakukhona umuntu wakubaFarisi, nguNikodemu igama lakhe, isikhulu sabaJuda:*
>
> *Lowo-ke weza* ngakho-ke *kuJesu ebusuku, wathi kuye, Rabi, siyazi ukuthi ungumfundisi ovela kuNkulunkulu:. . .akakho ongenza lezizibonakaliso. . ., uma uNkulunkulu engenaye.*

Manje, ba—lezozinkantolo zeSanhedrin, bamqonda ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Babekwazi. Nangu owayeyisikhulu sabo khona lapha eMtshela, "Siyazi ukuthi Ungumfundisi ovela kuNkulunkulu, ngoba khona impela ukuPhila kukaNkulunkulu kuchichima kuWe." Niyabona na? "Siyazi ukuthi ukufundisa kwaKho akusikho okwaKho; ngokukaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu uyakufakazela." Niyabona na? "UkuPhila kukaNkulunkulu kuchichima kuWe impela." Manje qaphelani!

> *UJesu waphendula wathi kuye, Ngiqinisile,. . .ngithi kuwe, Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu. . .*(O, he! "Uma ungajoyini isonto lami. . ." O, niyakubona ukuthi nikususaphi na? Niyabona, niyabona na?)
>
> *UJesu* ke—*uJesu waphendula wathi, Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, Uma umuntu engazalwa ngamanzi na. . .Moya, angengene embusweni kaNkulunkulu.*

*Lokho okuzelwe*. . .*nyama kuyinyama; nalokho okuzelwe*. . .*Moya kungumoya.*

*Ungamangali ngokuba* ngithi *kuwe, Nimelwe ukuzalwa ngokusha.*

*Umoya uphephetha lapha uthanda khona,*. . . (Niyabona na? Kuyaphinda futhi. Niyabona na? Kuyabuya futhi. Niyabona na?). . .*Umoya uphephetha lapha uthanda khona*, awuluzwa *udumo—yaluzwa udumo lwawo, kodwa kawazi lapho uvela khona,* noma *lapho uyakhona: banjalo bonke abazelwe nguMoya.*

*UNikodemu waphendula wathi kuye, Lokhu kungenzeka kanjani na?*

*UJesu waphendula wathi kuye, Wena ungumfundisi ka Israyeli, awukwazi lokhu na?*. . .(Buka lapho, mfowethu, i D.D., Ph.D., L.L.D. Niyabona na?), *awukwazi lokhu na?*

*Ngiqinisile,*. . .*,ngithi kuwe, Sikhuluma esikwaziyo, sifakaza ngesikubonileyo; kepha anibamukeli ubufakazi bethu*. . .(Siyazazi lezizinto. Sizibonile; siyakwazi, kepha anibamukeli ngisho ubufakazi bethu, mjoyini wesonto. Niyabona na?)

*Nxa nginitshelile okomhlaba, kanakholwa, ningakholwa kanjani, uma nginitshela*. . .*kwasezulwini na?*. . .(Manje, lalelani lokhu lapha. Manje, qaphelani!

*Akakho owenyukele ezulwini, kuphela yena owehla ezulwini, iNdodana yomuntu esezulwini.*

Kucabange lokho. Niyazi ngesinye isikhathi Wathi, "Nithini ngoKristu na? UyiNdodana kabani na?"

Bathi, "INdodana kaDavide."

Wathi, "Pho uDavide, ngoMoya, waMbiza kanjani ngokuthi, 'INkosi yathi eNkosini yami, "Hlala ngakwesokunene saMi"'?" Angaba kanjani yiNkosi yaKhe neNdodana yaKhe na? Akukho muntu owabe esaMbuza utho.

ESambulweni Wathi, "NgiyiMpande neNzalo kaDavide." Niyabona na? "NginguMvini neGatsha. Ngingukuqala. Ngangikhona ngaphambi kokuqala; Ngangingukuqala, futhi—futhi NgangiyiNzalo yakhe futhi."

Manje, lapha Wathi, "Akekho owehle eZulwini, kuphela iNdodana yomuntu manje eseZulwini."

Inenekazi lake langibuza ngesinye isikhathi, umbuzo, ngathi, "Ngiphendulele lo."

Ngathi, "Ngabe uJesu wayekhuleka kubani ensimini yaseGetsemane na?"

Ngathi, "Wayekhuluma ngobani lapho Ethi, 'Akakho owenyukele eZulwini, kuphela Yena owehla eZuwini, iNdodana yomuntu e—manje eseZulwini.'?"

Nangu Ulapha, umi khona lapha phezulu endlini ukhuluma noNikodemu, wayesethi, "NgiseZulwini." Ngabe kunjalo na? Ake sikushiye lokho kuze kube namuhla ebusuku, uthini na? Isikhathi siyabaleka. O, he! Ake sithi ukudlinza ngalokho okwesikhashana namuhla ntambama.

Ungena kanjani eBandleni na? Uyazalwa! Ngani na? Umphefumulo kaNkulunkulu!

> Phefumulela kimi, phefumulela kimi;
> Moya kaNkulunkulu oPhilayo, phefumulela kimi.

Lowo ngumkhuleko wami. Vele uvumele uMoya oNgcwele uphefumule. O, he, ngomphefumulo kaNkulunkulu. Uyini na? Unamathiselwe ngophawu eMbusweni kaNkulunkulu, ngazi ukuthi ngenkathi ngiqala ngivuma, "Ngiyamkholwa uJesu Kristu" . . . Yebo.

Bese kuthi ekukholweni kwami, ngengeza amandla, amandla okumesaba uNkulunkulu. Bese kuthi emandleni ami, ngengeza ukwazi kweZwi. Ekwazini kwami ngengeza ukuzithiba ukuzibamba. Ngiyakuthanda lokho, "Izwe lami lingelakho . . . Qhelisa umphefumulo wami ngokuzibamba . . . Ukusuka olwandle kuya olwandle olukhanyayo." Ukukhuthazela. O,he! Uvivinyiwe: ungakhathazeki, uSathane uyokuvivinyela bona.

Ngikhwela eladini manje. Niyabona na? Sengiwengezile amandla, ukwazi, ukuzithiba; manje ngifanele ngengeze ukukhuthazela. Ngiselokhu ngingakabi nawo njalo uMoya oNgcwele. Bese kuthi emva kokuba ngengeza ukukhuthazela, ngengeza ukumesaba uNkulunkulu. Niyazi ukuthi lokho kuyini na? NjengoNkulunkulu. Ngengeza lokho. Angiziphathi budlabha; ngihamba njengalokhu kufanele enze njalo umnumzane ongumKristu. Lokho kungabi yinto egqokwayo. Okuthize kimi, uthando lukaNkulunkulu lubila nje . . . Niyabona, niyabona na? Kungabisikho ukuthi, "Ngi—ngi—ngi . . . Mfana, bengingakwenza, kodwa mhlawumbe kungcono ngingakwenzi." Niyabona na? Hhe-e; hhe-e! Kulapho noma yikanjani. Ngukuzalwa. Ngizalwe ku*lokhu*, ku*lokhu*, ku*lokhu*, ku*lokhu*, ku*lokhu*, ku*lokhu*, ku*lokhu*, bese-ke uthando lukaNkulunkulu, uKristu, lwehla bese lunamathisela ngophawu konke lokho phezulu kimi kube ngokokukhonza. Niyabona na?

Bese-ke Enzani uma Engipha uMoya oNgcwele na? Ukubeka uthi qekelele endaweni ehlukile ube ngesingawe, akuphawule. Niyabona na? Uba ngumuntu owehlukile-ke. Awusesuye owezwe (niyabona na?), wembatha ngokwahlukile. Ugqoka ngokwahlukile. Hhayi lokhu ukugqoka okwangaphandle. Qhabo, qhabo! Awudingi ukuba ube yinqaba futhi ube

ngongajwayelekile, nokhololo ubhekiswe emuva, nokusamkhosi omude. Qhabo, qhabo! Awukwenzi lokho. Ugqokela umzimba njenge . . . Nje kuyilokhu ukugqoka kokomoya okuyikhona kubalulekile. Usugqokiswe ingubo yomshado. Uyini na? Ufana noJesu.

Qaphela, Wasibekelwa, futhi Waphenduka esinye isimo lapho phambi kwabo. Izingubo zaKhe zakhanya njengelanga. Wayelapho, uJesu, uNkulunkulu ebeka iNdodana yaKhe qho. Niyabona na? Bese kuthi, kwakhuphuka uMose. Kwase kukhuphuka u Eliya. NoPetro wathi, "Uyazi, ku—kuyinto enhle ukuba lapha." Niyabona umuntu uthola kanjani? O, okwaphezulu kwenze . . . Wathi, "Masakhe amadokodo amathathu. Masakhe elinye libe ngelikaMose, nelinye libe ngelika Eliya, nelinye libe ngelaKho."

Futhi engakaqedi ukukhuluma, uNkulunkulu wavele wavala ngci yonke into, wathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo. Kuzozonke lezizinto eNgazibiza kuMose, futhi ngaphumisa umthetho ngoMose, ukulunga ngabaprofethi, Ihlangabezane nakho konke. Yizweni. Ngizophuma manje. Yizweni nje. Yizweni nje." O, he, into enhle kangaka.

Bese, uma sesihlangabezane nalezizindingakalo futhi sagcwala iziqiniseko zikaNkulunkulu nezinto zikaNkulunkulu, khona-ke uMoya oNgcwele uyehla bese usinamathisela ngophawu eMbusweni. Ungakhathazeki. Wonke umuntu uyokwazi ukuthi unaWo. Awuyikudinga ukuba uthi, "Kuhle, udumo kuNkulunkulu, ngiyazi nginaWo; ngakhuluma ngezilimi. Udumo kuNkulunkulu, ngiyazi nginaWo; kanye ngake ngasina eMoyeni." Awudingi kusho nagama ngakho; wonke umuntu uyokwazi ukuthi unaWo. Ungakhathazeki; UyoZifakazela. Uyokwenza kwaziwe phakathi kwabantu.

UNkulunkulu anibusise. Ngiyajabula kakhulu ukuba lapha nani namuhla ekuseni nokuba nalesisikhathi sokuhlanganyela. Lalelani! Indlu yethu yokukhonzela encane incane, namanje asinayo indawo eyanele yabantu abeza lapha. Asisiyo inhlangano. Siyakholwa futhi sihlanganyela nazozonke izinhlangano. Uvele nje uze lapha, ngoba ufuna ukuza. Futhi u . . . Siyanithanda, futhi sifuna zonke izinhlangano, wonke umuntu . . .

Ngikholwa wukuthi kukhona abantu kuzozonke lezozinhlangano bangamaKristu. Bangabafowethu nodadewethu kuKristu. Ngakho-ke, asinazintambo, akukho okujoyinwayo, akukho okwenziwayo, kodwa ukuba ngumKristu nje.

Njengo E.Howard Cadle wayevamise ukuthi, "Asinamthetho kodwa wuthando, akukho ncwadi kodwa yiBhayibheli, akukho sivumokholo kodwa nguKristu." Futhi kunjalo. Woza sivakashele. Siyajabula uku . . . Sikholwa yiVangeli eliGcwele,

konke nokunci kweZwi. sikholwa ngendlela nje impela... Asengezi nokukodwa kuLo, sisuse noma yini kuLo, sengeze noma yiyiphi into yenhlangano kuLo. Sivele siLiyeke njengoba Linjalo nje. Yilokho. Futhi sihlala sikujabulela ukunemukela. Woza ube nathi uma ungaphumelela. Sikhulekela abagulayo. Sikholwa yikho konke iBhayibheli elithi akwenziwe. Si "khohlwa ngubuthakathaka bethu, obungasemuva, futhi sijonga emgomeni emklomelweni wokubizwa okukhulu kwaphezulu."

Manje, okunye futhi okukodwa. Nizokuvumela kushiwo na? Kuthangi ekuseni...Nizoqaphelisisa e—ebhodini phandle lapho umbono. Ngaba nombono. Kwakuthi akube ngele 5 nqo, njengoba umkami emuva lapho azi, kumbe ele 6. Ngase ngiphapheme. Sasivukele ukulungiselela abantwana baye esikoleni. Ngiba nayo nje lena ngankathi; futhi nonke niyazi, nonke lapha, ukuthi ayilokothi yehluleke. I—iphelele phaqa (niyabona na?); ayilokothi yehluleke.

Futhi ngacabanga ukuthi ngangingumuntu ojabule ukwedlula konke esengake ngakubona. Ngangimi elangeni,i-l-a-n-g-a, futhi ngangiyi—futhi ngangishumayela iVangeli kwelibanzi, ibandla elikhulukazi (bengifuna nje ukubona ukuthi ngabe bekuqoshwa yini)—i—ibandla elibanzi elikhulukazi. Futhi babehlezi ehlathini, nemishwe yelanga yayikhanya phansi kubo, lapha nalaphaya nje, ukuyithola, ukuthola iZwi.

Futhi mina, njengokujwayelekile, ngihlala njalo ngidonsa isikhathi eside, kuze kudleke isikhathi, ngishumayele isikhathi eside. Futhi ngashumayela ngidonsa, ibandla lize lilambele ukudla komzimba. Futhi bona, abanye babo bakhathala, ngakho bavele basukuma baphuma ukuba bazitholele ukudla, baqala bephuma. Ngathi, "Musani, musani."

Nganginovuthondaba olubili engangifuna ukufinyelela kulo—engangifuna ukufinyelela kulo entshumayelweni yami. NeNkosi yayinginike lona. Futhi noma yimuphi umshumayeli uyazi uma wazi ngempela ukuthi ku—uNkulunkulu ukunikeza lona, uvele ushe amashushu ngokuba utshele abantu. Futhi ngangishumayela nje, "Charlie," ngishumayela ngamandla ami onke, ngikubekelela nje, niyazi, futhi ngithi, "Zonke lezizinto ezinkulu...Yilokhu uNkulunkulu akwenzayo, bukani lokhu. Wehlukanisa imicabango yenhliziyo. Kuyini na? IZwi," futhi ngiqhubeka kanjalo.

Futhi o, ngifisa sengathi ngingakukhumbula engangikusho, ukuthi itekisi lami lalithini. Angisalicabangi. Niyabona na? Kodwa ngangilokhu ngishumayela nje, futhi ngangiziqaphela mina qobo lwami ngikwenza. Kwase kuthi-ke, ngenkathi ngimi lapho ngizibuka ngiziqaphelisisa mina qobo lwami ngilushumayela...Futhi ngangishumayela nje ukuthi "ubani obengebe nakho." Futhi emva komzuzwana ngavuka, uyazi,

futhi ngacabanga, "Udumo kuNkulunkulu." Ngathi, "Awubheke lezizinto eziyisimangaliso, na*lokhu, lokho* . . . "

Emva kwesikhashana, ngaqaphela abantu baqala ukuba sengathi sebelambele okomzimba. Futhi ngakho base benele ngokokomoya, ngakho baqala ukusuka bahambe futhi abanye babo [UMfowethu Branham uyazamula ukuba alingise—Umhl.] baqala ukusuka bahambe. Ngacabanga, "Kwenzenjani kobobonke abantu na?" Futhi—futhi ngabuka futhi lapha kwakukhona izithandani ezimbili ezisencane zihambisana ngasohlangothini lwami, futhi ngama; ngathi, "Ake nithi kancane nje, bangane, ake nithi kancane nje. Nizobuye nibuye futhi ekwehleni kwamathunzi akusihlwa." Niyabona na? Ngathi, "Nizobuye nibuye futhi." Kodwa, ake ngininike loluvuthondaba lokuqala. "Zivelaphi zonke lezizinto enginikhombise zona na? Zivelaphi na?" Ngathi, "Nazi. ZiseZwini likaNkulunkulu. Zingu ISHO KANJE INKOSI, isethembiso saKhe, ngoba," ngathi, "nonke niyangifakazela, nifakaza lokhu, ukuthi umsebenzi engithunywe wona ungukuthi, 'Hlala neZwi.'" Ngathi, "Yin'indaba ngani nonke na? Aniliqondi iZwi na? Kufanele niLiqonde."

Futhi omunye wathi, "Mfo, ngithanda ukuthi kengizithengele amabheskidi nokunye kwe . . . ," kanjalo.

Kuhle, ngavele ngacabanga, "Kuhle, udumo kuNkulunkulu. Uma befuna amabheskidi, mabahambe bawathenge." Ngakho nga—ngaphenduka; ngacabanga, "O, kodwa uyazi uk'thini? Amathunzi azokwehla emva kwesikhashana. Noma yikanjani." Futhi ngathi, "Bese namuhla ebusuku, uma lelobandla liqoqana futhi . . . Manje, ngibeke uvuthondaba kubo futhi ngabatshela ukuthi izinto ababone ngizenza kutholakala eZwini likaNkulunkulu, hhayi encwadini eqanjiweyo kumbe enhlanganweni ethize, kutholakala eZwini (niyabo?), konke nokunci eZwini, ngoba ngithunyelwe lowomsebenzi." Ngacabanga, "Uyazi, bonke bazobuya namuhla ebusuku. Ngakho nakhu engizokwenza: Ngizokwendlalela, ukuthi ukwendlalela." Niyayazi indlela engikwenza ngayo kuleminyaka yebandla nezinto, ngisho engikusho ngaphambili. "Ngizokwendlalela eZwini, bese-ke lolu olukhulu, uvuthondaba olumangalisayo . . . " Ngathi, "Kuyoba yisikhathi esimnandi kabi. Makadunyiswe uNkulunkulu." Futhi ngazibona ngiba mncane impela, futhi ngamuzwa lowo, "Makadunyiswe uNkulunkulu." Ngazibona ngifiphala phezulu kanjalo, futhi lapha ngangimi lapho.

Manje, nansi incazelo yawo. Niyabona na? Into yokuqala engiyenzile: Izinto ezenziweyo bezifiphele kubantu—iningi labo. Angisho iFull Gospel nabangcwele bakaNkulunkulu, kodwa ngiqonde kwiningi labantu. Futhi awufuni neze ukubuka izwe, *Isimiso somhlaba nezulu nakho konke okusesibhakabhakeni,* njengoMlayezo kaNkulunkulu. Uma uhamba ungene, uthi . . .

NjengoBoze' wathi, "Bengihlale njalo . . . " Wathi, "Ngaba nephupho eminyakeni eyedlulayo ukuthi u—u—uNkulunkulu uyongithumela eChicago futhi ngiyinyakazise iChicago ngenxa yodumo lukaNkulunkulu."

Ngathi, "Joseph, Usevele ukwenzile."

"Ngani," wathi, "abakaze banyakaziswe selokhu kwaba nguMoody.

Ngathi, "Lokho . . . Ngikhuluma ngeBandla. Lelo yifoliji likambayimbayi phandle lapho. Lokho nje luthuli lomhlabathi; lesosixuku esiphithizela emigwaqeni, noJezibele abapendile, nakho konke . . . " Ngathi, "Lokho kuphandle lapho. Lawomadlangala amakhulu amadala nezinto ziyobuthuka ziwele emigwaqeni phakathi lapho." Ngathi, "Ukhuluma ngeBandla. IBandla beliyisambulo sikaJesu Kristu sibonakaliswa, futhi bayasiqonda. Bangahle bangabi lishumi nesihlanu eChicago. Bangahle bangabi lishumi kulesisizukulwane kulolonke idolobha laseChicago abaphumayo."

Senake nacabanga ngalokho na? Njengokuba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, okwasindiswa imiphefumulo eyisishiyagalombili. Bangaki abaphuma eSodoma na? Niyabona ukuthi ngiqondeni na? Ngiyangabaza ukuthi bangagcwala isandla. Niyabona na?

"Kodwa iBandla qobo lwalo likwamukele ukunyakaziswa. Bakuqondile. Balazi iZwi. Balibonile iZwi ngenkathi lenzeka, futhi baLibamba. Manje, kubukeni lokho umzuzu."

Manje, futhi lomlayezo wokuqala, ngenkathi bewubona, wonke umuntu wabuthanela kuwo; wathi "O, udumo kuNkulunkulu. O, uma nje ngingabona . . . *lokhu*, *lokho*, no*kunye*," futhi bayovele basuke bahambe, ngendlela efanayo abangene ngayo. Niyabona na? Futhi manje, bayacabanga, "Impela, angazi. Ungajoyinaphi na? Uma ngingezi na*lokhu*, kuyoba yi*le*ndlela; futhi ngiyokhahlelwa ngiphume nga*pha*, futhi angiyikwenza lutho *lapha*."

Futhi abazalwane bahlale phansi bathi, "Yebo, ngiyokwenzenjani uma ngi . . . ?" Niyabona lapho na? Bangeke bame isikhathi esanele ukuba baqonde ukuthi YiZwi uNkulunkulu alethembisayo libonakaliswa (niyabona na?), futhi basuka bahamba. Kodwa ningakhathazeki, amathunzi aseseduze kakhulu. Niyabona na?

Ngenkathi ngibuyela ensimini . . . Niyakhumbula ngobunye ubusuku bomlayezo Anginika wona emuva ngaleya ngenkathi ngibeka itshe legumbi. Impela nje, wathi, "Yenza umsebenzi . . . " Wathi, "Uma uphuma kulombono, funda u II Thimothewu 4." Niyazi kubekwe khona lapho etsheni legumbi—amashumi amathathu-nantathu eminyaka eyedlule. Wathi, "Yenza umsebenzi womvangeli. Ufeze ukukhonza kwakho, ngokuba

kuyakuba-khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isifundiso esiphilayo; kepha ngokwezinkanuko zabo bayakubutha abafundisi njengokubatshwa kwezindlebe zabo, baphambukele besuka enganekwaneni—basuka eQinisweni baphambukela ezinganekwaneni." Uma lokho kungazange kwaba yizwi ngezwi ngqo.

Kodwa khumbulani-ke, ngobunye ubusuku ngenkathi ngingazange ngiwufunde wonke. Iminyaka engamashumi amathathu nento ngishumayela kulelitabernakele, angikaze nakanye ngike ngiqhubeke ukwedlula lokho, futhi angazi ukuthi kungani. Ngihlale ngimangala, kwaze kwathi ngelinye ilanga ngabona lapho uJesu athatha khona umBhalo ogoqwayo waseqala ukufunda, futhi wafunda ingxenye yesiprofetho, wayesema, wayesethi (lapho eKapernawume), Wathi, "Futhi namuhla, lesisiprofetho sigcwalisekile." Akasifundanga ngani sonke na? Siphathelene nokubuya kwaKhe kwesibili. Niyabona na?

Futhi lapho ngangifunde ngingazi . . . Ngakuthatha lokho, futhi nakho kwakuphambi kwami ngqo eSouthern Pines, eSouth Carolina. Ngalokho kusa, ngimi phandle lapho ngikhuluma noJoseph Boze', wencika ngasohlangothini lwemoto [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.], ngakuthola. UPawulu wathi, "Ngi . . . Wonke umuntu ungiphendukele. Akukho muntu onami. UDema wangishiya, ethanda lelizwe lamanje. Futhi mina manje . . . (bukani!) Nomkhandi wethusi wenza okubi okuningi kimi."

Bukani ukuthi uDema ngabe wacabangani. "Ngani, ngimbonile uPawulu eshumayela iVangeli futhi ephulukisa abagulayo; futhi nangu uhlezi uyahlupheka yena uqobo, uhamba nodokotela, uLuka, sonke isikhathi uma ehamba, ethatha udokotela ahambe naye, umuntu oshumayela okukaNkulunkulu . . . Ngani, ngimbonile eshaya umuntu ngobumpumputhe; wathi, 'INkosi mayikujezise, futhi uzakuba-yimpumputhe kube-yisikhathi'; kodwa wadedela umkhandi wethusi amxoshe emhlanganweni. Ngiqagele walahlekelwa ngamandla akhe okuba ashaye umuntu ngobumpumputhe. Ekugcineni walahla amandla akhe okuphulukisa kukaNkulunkulu. UNkulunkulu umphendukele."

Angicabangi ukuthi uDema waphuma wangena ezweni, ngoba wayengowe . . . Uma uwazi umlando wakhe, wayengowasemndenini omkhulu, ocebile; futhi wayefuna ukuhamba nasosonke isixuku. Kodwa uPawulu, uPawulu omncane ozihluphekelayo, kwakuyini na? UNkulunkulu uhlala njalo evumela inkonzo ibe njalo bese-ke eyiqhelisa ngomqhele. Wavumela uJesu ukuba afinyelele endaweni (bukani laphaya!), lapho Ayekwazi ukuvusa abafileyo, lapho Ayekwazi ukwenza noma yini Ayefuna ukuyenza, futhi wavumela ibutho elingumRoma limhluthule intshebe

liyisuse ebusweni baKhe futhi [UMfowethu Branham wenza umsindo wokuphimisa—Umhl.] lamphimisela ebusweni baKhe. LaMshaya e. . . LaMgubuzela ubuso baKhe ngengubo lase lithi, "Manje, uyazi, bangitshela ukuthi wena ungumprofethi. . ." Onke ama amzungeza ephethe imihlanga yawo futhi [UMfowethu Branham ulingisa ukuMshaya—Umhl.], aMshaya ekhanda, ayesethi, "Manje sitshele ukuthi yimuphi okushayile." Wayazi ukuthi yimuphi owayeMshayile. Impela Wayazi! Niyabona na? Kodwa inkonzo yaKhe yase ilungela ukuqheliswa ngomqhele. Ihlala njalo ifika kuleyondawo lapho okubonakala khona sengathi impela, iba buthakathaka ngempela, sengathi isiphele nya, bese-ke uNkulunkulu eyiqhelisa ngomqhele. O, Nkosi, makwenzeke. Makwenzeke, Nkosi. Asikhothamise amakhanda ethu.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,
> Ngoba Wangithanda, (Manje, Mdumiseni; besinemfundiso enzima!)
> Wang'theng'elinsindiso emthin'eKalvari.

MasiMphakamisele izandla zethu manje.

> Ng'yaMthanda, (Manje, yibani seMoyeni. Niyabona na? Ng'yaMthanda.) Ng'yaMthanda,
> Ngoba Wangithanda, . . .

